


NINGESABI

 Ngiyabonga Mfowethu . . . ? . . . Ngiyabonga kakhulu.

² Ngiyabonga, bangane. Lokho nje kungenza ngizizwe ngemukelekile kabili. Ngiyakuthakasela ngempela lokho. Futhi nginakho, esikhundleni sikaMfowethu Borders, noMfowethu Mercier, uMfowethu Goad, uBilly Paul, qobo lwami, sifuna ukusho ukuthi lona bekungumhlango omkhulu wethu. Angikaze ngibe nomhlango ukuthi angazi ukuthi nini, ukuthi uMoya oNgcwele ubonakale nje unikeza inkululeko kunoma yini, cishe impela, nenkululeko enkulu yokukhuluma, nabefundisi bayazi ukuthi lokho kusho ukuthini, ubambiswano olunjalo emva kwenu, phambi kwenu.

³ Futhi nje kubi kakhulu ukuthi besingenalo lonke idolobha nxazonke ukubona ukuthi iNkosi yenzeni. Kodwa Akazange . . . Ngi . . . UMoya oNgcwele unikeza imibono ngapha phezu kwesakhiwo ngokukhulu ukushesha, kuze kuthi ngobuqotho, bengiyodingeka ngiphendule ikhanda lami ngezinye izikhathi, ngize nje ngithole amandla enele ukuba ngiqhubekele phambili kancane. Ukukholwa kwakho—kwakho ukukholwa, manje, ungakuvumeli neze kufe.

⁴ Manje, sifuna ukubonga isikole ngokusivumela sibe naleliholo elikhulu, sifuna ukubonga umgcini lapha, umlindi, nayo yonke ibhodi yesikole. Futhi sikhulekela ngempela ukuthi uNkulunkulu uzokhipha abafundi abaningi abadumile kulesisikole lapha. Futhi bonke abantu ababambisene, kubaxhasi bethu, nalabo ababambisanayo, kubo bonke abantu abangafundele lutho ngokusisiza ukuba sihlangebezane nezindleko zethu, ngicabanga ukuthi konke kwahlangatshezwana nakho. Futhi yilokho kuphela okudingekayo, izindleko nje kuhlangatshezwane nazo, yilokho kuphela esikudingayo, nami uqobo, ngithola i—iholo.

⁵ Ngifuna ukunibonga ngomnikelo wothando nomnikelo wobuthunywa benkolo eniwuthathile, oqonda ngqo kuleso sikhwama. Angazi ngisho, angilokothi ngibuke noma yiyiphi imali nhlobo emihlanganweni, unobhala wami uyakunakekela lokho. Wonke ubekwa ebhange futhi ubekwe eceleni, wanda ngize ngithole okwanele ukuba ngiye phesheya kwezilwandle.

⁶ Bese kuthi-ke lapho ngiya phesheya kwezilwandle, ukuqiniseka ukuthi imali ihamba kahle, ngiyithatha mina uqobo. Futhi ngikhonzisa nenkonzo ebikhona phakathi lapha kini nonke, emhlabeni jikelele. Futhi ngolunyusuku, laphaya kwelinye iZwe, lapho okuzoba khona, awu, izigidi zizobe zibuthana ngenxa yokubambisana kwenu ukusiza ngithumele kwezinye izindawo, ngethemba ukuthi kuzobakhona amashumi

ezinkulungwane zabahedeni owayengasoze amazi uJesu Kristu ngaphandle uma wawungisizile ukuba ngihambe.

⁷ Manje, mhlawumbe wena, uNkulunkulu akazange akubize ukuba uhambe, kodwa wanikela ngokunye kokuziphilisa kwakho ukuze ngikwazi ukuhamba. Futhi ngiyahamba ngenze konke engingakwenza, futhi ngiyanethembisa, ngomusa kaNkulunkulu, wonke upeni wawo uzosetshenziswa ngenhlonipho yokuzithoba njengoba bekungenzeka. Ngisho kusukela emasenteni amancane ayishumi nantathu isithandwa sami esincane izolo ebusuku esisinike wona, kuya esilinganisweni esikhulu kunazo zonke semali izonakekelwa kahle, futhi isetshenziswe ngakho konke ukwazi kwethu.

⁸ Manje, abaphatheli bethu ebandleni, omunye wabo uhlezi ukhona khona manje, uMnu. Sothmann emuva lapho, nabanye bakahle, amadoda angamaKristu, njengaye, futhi bayakuqinisekisa lokho, ukuthi lena izimali iya ngqo kulokho ethunyelwe khona, iya ezimishini zakwamanye amazwe ukusiza ukwakha uMbuso kaNkulunkulu. Phakathi lapho, lapho ngingena . . .

Wena uthi, “Awu, ngingowe-Assemblies.”

Olandelayo uthi, “Awu, ngingoweFoursquare.”

⁹ Khumbula, mfowethu, dadewethu, leyomali ingena ngqo ebandleni lakho laphaya, futhi, ngoba angimele noma yimaphi amahlelo athile, onke ayabuthana njengoba enza lapha. Niyabo? Futhi—futhi lapho abaphendukile befika, noma yiliphi ibandla abafuna ukuya kulo, akunandaba kithi, ukuthi nje bayiVangeli eligcwele, amaKristu azelwe ngokusha.

¹⁰ Futhi ngakho, ngaleyondlela si—senza konke esingakwenza ngenhlonipho yokuzithoba, sazi ukuthi siyodingeka siphendule ngesiphiwo esincinyane esincane, kuze kube ngesiphakeme kunazo zonke ngoSuku lokwaHlulelwa, futhi ngifuna ukufunyanwa ngiyinceku enhle yomsebenzi weNkosi ngaloloSuku.

¹¹ Futhi ngempela sinibonga nonke ngamunye ngakho konke enikwenzile, ngokukholwa kwenu. Ngiqaphelile ngobusuku . . . Ngiqala ukuqaphela eMelika, futhi njengezinye izindawo eziningi, abantu bayasukuma, ngezinye izikhathi uya emhlanganweni, futhi abavumelani nalokho okushoyo, bayasukuma futhi baphume, baphume nje ngamabomu; angikuqaphelanga lokho kulomhlangano. Futhi ngikuvivinyile ukubekezela kwenu kuqhubeka kuze kube ngeleshumi ngo, nabantu baye bahlala ngqo ebandleni, kushisa, bephetha, bahlale khona lapho kuze kube ngumkhuleko wokugcina, into yokugcina isiphelile epulpiti, lokho ngukwethembeka. UNkulunkulu anibusise bantu.

¹² Angazi, ngethemba ukuthi ngizophinde nginibone futhi, uma ngingakwazi, enginitshele khona izolo ebusuku

ngaleyoNdawo, kwangathi uNkulunkulu angawuphendula umkhuleko wami, futhi sonke sihlangane Lapho. Ngiyanithanda manje, nani niyangithanda, kodwa asazi ukuthi kuyini size sifike Lapho, futhi lokho kuyiqiniso.

¹³ Ngithemba ukuthi uma ngiyokwazi ukubuya futhi ukuthi inkonzo entsha engizama ukungena ohlelweni manje, izobe isebenza ngokuphelele njengezinye ngalesosikhathi.

¹⁴ Abanye babo bangitshelile phandle lapho, emizuzwini embalwa edlule, ukuthi ingane encane esiyikhulekele emsamo ngeSonto eledlule ntambama ibilapha. Uma ngingaphosisi, lona omncane, umama onekhanda elimhloshana lapha: Ngabe ingane ingcono na? Ngijabula kakhulu ngalokho. Lokho kuhle. Uthe ibilulama manje, yoma, iza oqweqweni.

¹⁵ Manje, asibongi yini ngalokho na? Odokotela akukho abebengakwenza ngakho. Ukube kuphela bewazi! Lesosifo sisabalala ebusweni bonke futhi nje siyabudla nya, niyabo. Kodwa manje sekungukuphulukisa nezingqweqe kuza phezu kwendawo, futhi kuyaphola, siyabonga.

¹⁶ Lokhu ngeke kukuphoxe. Bekukhona . . . Inenekazi elincane lamangala ukuthi kungani into eyodwa ishiwo emsamo mayelana nendawo ebelivela kuyo. Niyabo, uMoya oNgcwele . . . Masinyane emva komhlangano, ngangihamba ngehla ngesitaladi futhi nga—ngahlangana nabo, futhi ngabuza . . . Ngani, wathi, “Impela, kunjalo, yilapho ovela khona, wena uqobo. Kodwa ngenkathi ushada, wathuthela kwenye indawo, noma ngabe kwakukuphi lapho.” Lase-ke likubona.

¹⁷ Niyabona ukuthi udeveli uzama ukunithola ukuba nenzeni na? Niyabo? Leyongane ibingeke iphile ukuba ubuyolokhu ucabanga lokho, niyabo. Kodwa uma ukholwa, uma nje kuphelele ngokwenelele ukusho izinto ziphelele, kungukuthi . . . kuzophelela ekuphulukisweni, futhi.

¹⁸ Kholwani yizo zonke izinto nje, noma yini uNkulunkulu ayishilo, kukholweni nje, ngoba akusimina, bangane. Khumbulani, uma ngingaphinde nginibone nonke, abaningi benu, ngize nginibone ekwaHlulelweni, leyo mibono, leyoNsika yoMlilo nokuKhanya kuyiqiniso, niyabo, Iyiqiniso.

¹⁹ Manje, ngiyinceku empofu yeNkosi, ngenza amaphutha amaningi kakhulu ngize ngibe namahloni ngami uqobo. Angiwenzi ngamabomu, kodwa nge—ngenza izinto engingafanele ngizenze, njengokuthi, ngingahle ngithi, “Woza, ukhulekele lona.”

“Kulungile, ngizoba lapho ngqo futhi ngikhulekele lokho.”

“*Nangu omunye, nangu ezansi lapha, ezansi lapha.*” Ngiyakhohlwa ngakho, angiqondile ukwenza lokho, angiqondile ukuba ngaleyoNdlela.

20 Futhi-ke kunezikhathi eziningi engifisa sengathi bengingama kade kancane emgqeni lapho lokho kungukubona okufihlakele kwenzeka, kodwa nje kuyangibulala kalula, angikwazi nje ukukwenza.

21 Futhi lapho sengibone lowombono ngokunye ukusa, ngabheka, ngacabanga, “Nkulunkulu, makuthi umuntu othize angiphakamise.” Ngase-ke ngicabanga, “Ya bakwenza lokho ngesinye isikhathi, futhi ngangengekho ensimini izinyanga eziyisishiyagalombili.” Niyabo, angikwazanga ukusho lapho noma ubani eza kimi, noma ngabe kwakungumbono noma qha. Niyabo, u—ungeke... uvele nje... awusoze wakwazi ukufinyelela kukho konke, siyakwazi lokho, kodwa singenza konke esingakwenza ukusiza.

22 Ngakho ukusuka lapha siya ngale eCalifornia eLakespring... eLakeport, eLakeport, eCalifornia, okweviki elizayo. Ngeviki elilandelayo sisenhla lapha eYakima, eWashington, ngobunye ubusuku eTacoma, njengoba sidlula. Bese-ke siqhubekele eSummer Shade, eKentucky, futhi kuqhubeke, kuqhubeke njalonzalo. Futhi ngokushesha nje lapho ngikwazi, ngizoya eJalimane, naseSwitzerland, e-Afrika, eNdiya, futhi kwehlele e-Australia, naseMelbourne, eSydney, naseNew—naseNew Zealand, emhlabeni jikelele. Ngikhulekeleni.

23 Ngicela kini umusa owodwa futhi: Nizongikhulekela ngisahambile na? Niyabo, size sibonane, ngikhulekeleni. Futhi ngizokhumbula, ngenkathi izinselelo ezinkulu phambi kwamadoda angcwele eNdiya, izinyanga-bathakathi e-Afrika, phakathi nendawo enkulu lapho, e-Australia nangakhona, lapho labobahedeni abangabahedeni, bazokhuphuka ngqo futhi bakuphosele inselelo, futhi lapho benza inselelo yabo, ngizobe ngikhumbula ukuthi ngale esigodini saseKlamath Falls kuneqembu labantu elingikhulekelayo. Futhi ngi—ngizokwazi ukuthi uNkulunkulu uzowuzwa umkhuleko wenu. Futhi ngiyawudinga umkhuleko wenu, ngabantu abakhulekayo abangiphakamisayo.

24 Ngenkathi ngisengumfanyana, ngangingenakhaya, njengoba, nhlobo, niyazi. Angiqondile lokho noma yiliphi ihlazo kubaba nomama wami, kodwa niwufundile umlando wempilo yami. Akekho... Ngangihlala ngibathanda abantu, ngangifuna abantu bangithande, futhi akekho owayekhuluma nami. Ngiyobe ngimi esitaladini njengensizwa, omunye uyafika, futhi ngiyobe ngikhuluma nomunye, uma bekukhona omunye umuntu abebengakhuluma naye, bebeyobaleka, ngenxa yemuva, ubaba wami ephuza futhi evubela utshwala ekhaya, kanjalonjalo.

25 Ngakho, ngi—ngiyakuzonda ukusho lokho, kodwa ku—aku... ngizokwethemba... Ubabayi wami wafela ezingalweni zami enika uNkulunkulu udumo. Ngakho, nge—nge—ngethemba

ukuthi akubonakalisi lutho. Kodwa niyabo, iqiniso, uma kukubi ngami, mangikusho, noma kanjani, ngoba kuyiqiniso. Niyabo?

²⁶ Nje, yilesa—yingalesosizathu ngikholwa iBhayibheli. Kungukuthi, uma ngingakaze ngiLifunde kodwa kanye, noma ngabuka kuLo, ngenkathi Likhuluma ngoLoti ehlala namadodakazi akhe, nokunye nokunye kanjalo, aLincengi, Likhuluma iqiniso. Niyabo? Manje, lapho bethi uGeorge Washington akazange aqambe amanga, lowo ngumlando, angazi ngalokho, kodwa lapho sekufika kuLeli, Likhuluma iqiniso, noma ngabe kuhle noma kubi, Likusho ngokufanayo nje.

²⁷ Yileyondlela ebesifanele sibe yiyo. Uma kukubi, kuzoba ngaphesheya kwemipheme yesibhakabhaka ngolunye usuku, noma kanjani, ngakho singahle nje sikuvume manje, futhi sithi yileyondlela okwakuyiyo. Niyabo? Bese-ke uba qotho. Awukaze ube. . . Awusoze wakhonza uNkulunkulu ngokuyikho uze ususe yonke into encane endleleni, lapho ongama khona ukhululekile.

²⁸ Ngingaphuma kanjani kulowomnyango ngaphandle uma ngiqonda, futhi ngibe nolwazi oluhle ukuthi ngingaphuma ngalowomnyango na? Khona-ke ngokukholwa, ngiphuma ngomnyango. Niyabo? Yileyondlela kuphela ongakwenza ngayo. Uma kukhona noma yini endleleni yakho ekuvimbayo, ungeke nje ukwenze, ngoba leyonto iphakama ngqo phambi kwenu ngaso sonke isikhathi. Niyabo?

²⁹ Futhi ngakho yiba qotho, ube neqiniso, khonza uNkulunkulu ngayo yonke inhliziyi yakho, “ubeka eceleni zonke izono, sikuthandela kalula, ukuze ugijime i, ngokukhuthazela umncintiswano obekwe phambi kwakho, ubheke kuMqalisi noMphelelisi wokukholwa kwethu, iNkosi uJesu Kristu.” Lokho. . . Bhekisisani, UyiSibonelo sethu.

³⁰ Manje, uma ngibeka isikhubekiso endleleni yakho, ungakuvumeli lokho kuvimbele insindiso yakho noKristu. Uma umelusi wenu, ungumuntu, uma ebeka isikhubekiso, ungakuvumeli lokho kuvimbele nhlobo. Into ofuna ukuyenza ngukugcina ukukholwa kwakho kuNkulunkulu futhi ubuke kuJesu Kristu njengeSibonelo sakho, UyiSibonelo sakho, Ophelele.

³¹ Manje, ngi. . . Ngamunye wenu, ngiyabonga futhi. Futhi manje, si—sikhomba lesisikhathi kulentambama. . . Ikakhulukazi, sibe nokubizela e-altare izolo ebusuku, futhi ngithemba ukuthi wonke umphefumulo oligugu othole iNkosi uJesu kulemihlangano uzothatha ubulunga bakho namanye alamabandla, ngoba a—ayakholelwa kulokhu, bebengeke babe nami phezulu lapha uma bebengakholelwa kulenkonzu.

³² Manje, inkonzo yami isekuwohlokeni okuncane manje, ngoba iyashintsha eMelika isuka kwenye iya kwenye. Futhi uma nikuqaphelile, okokuqala kwakuyisibonakaliso

abantu abasibhekile, okwesibili kwakuyisibonakaliso ukuthi uNkulunkulu kuphela, qobo lwaKhe, owayengakwenza, manje, kulenkonzu yesithathu, iyibeka emuva ngqo emathangeni abantu futhi. Niyabo? Uma bezoya nalobo buqotho, akungabazeki nhlobo, bhakisisani uMoya oNgwele, isebenza Wona uqobo, Ukhuphukela kimi futhi ubatshele impela nje, Uphulukisa khona lapho. Niyabo? Kodwa bafanele beze, hhayi ngokukholwa kwemizwa, kodwa ngokukholwa okuqinile okukholwa ukuthi kuyiqiniso. Niyabo? UNkulunkulu ukubuyisela ngqo emathangeni omuntu ngamunye futhi, ngoba kufanele kube ngaleyondlela, ngoba akukho-mandla kumuntu ukuphulukisa.

³³ Nalezizinto enginitshele ngazo, izingwejeje, mayelana noku—ukuphulukiswa kwalabobantu, nalezozinto, UNkulunkulu eZulwini uyazi ukuthi lonke izwi lalokho liqinisele njengoba ngazi ukuthi kushiwo kanjani. Kunjalo. Futhi ngakho ngiyazi ukuthi nje ngaphambi kwami manje, kubekwe inkonzu enkulu kunaleyo enginayo, kodwa kuzothatha abantu kancanyana nje. Lapho sebeyothola ukukholwa kukho, kuzoqala ukusebenza. Ngiyibona kanjani imibono phandle phezu kwezethameli lapho na? Kanjani na? Yingoba wena uqobo uyakwenza. Angikwenzi lokho, uyakwenza.

³⁴ Manje, ngiyangabaza noma ngabe, noma yimuphi wenu uke wawubona umbono wangempela, angibone nginombono wangempela. Umkami ubengakutshela ukuthi kunjani. Ngezinye izikhathi ngilala amahora ngaphandle kokuphefumula okuncane noma, futhi udokotela angahlola, angatholi ukushaya kwemithambo, ushaya umentshisi bese ubamba *lokho* kusondele ekhaleni lami, akukho kuphefumula ihora noma ngaphezulu, kodwa lokho kusembonweni wangempela. *Lona* ngumbono, njengokuthi, kodwa uyakwenza.

³⁵ Ake ngi...Ngi—kungcono nginga, sinesikhathi esiningi kakhulu. Bengizozama ukunichazela ngokwedlula konke engaziyo ukuthi kunjani. Ngabe kulungile na? Lapha, akekho ongasoze akuchaza, ngoba akuchazeki, kodwa nakhu ukwazi kwami okwedlula konke. Ngizothatha umfowethu ongumfundisi, olapha emsamo. Kulungile. Sonke siya endaweni yentokozo nedili nemidlalo emikhulu, noma, ngithi isekisi. Yileyondlela engangivame ukwenza ngayo lapho omunye ubengafika edolobheni bengiyo...besiyodingeka silunguze embotsheni yesiqu sesihlahla ndawondawo, sikubhekisise, ngoba besingeneke singene.

³⁶ Manje, sizosho ukuthi—ukuthi sonke sikulesekisi enkulu, futhi asikwazi ukungena. Futhi kuyenzeka kube njalo, ukuthi uNkulunkulu wangenza enkulu, indoda ende, futhi Wenza omunye umfowethu emfishane, indoda eqatha. Manje, ngeke sazivimba kulokho esiyikho. UJesu uthi, “Ubani ongelekelela

obudeni bakhe ingalo ibenye ngokukhathazeka na?" Ungeke wakwenza. UNkulunkulu ukwenza nje ube yilokho oyikho.

³⁷ Yilapho engihluka khona kancane kubazalwane bethu beyaMuva, noma, abazalwane beMvula yoSuku lwaMuva, yokuzama ukubeka izandla phezu kwabantu nokubenza abaprofethi, nokunye nokunye kanjalo; uNkulunkulu uhlala eBandleni. Niyabo? Uma umuntu ekwenza, kufana nje nokukhetha umbhishobhi, noma ukukhetha enye into, akuvamile ukusebenza, kodwa lapho uNkulunkulu ekubeka, kungukwazi kwaKhe ngaphambili; ngokwazi ngaphambili Wabona ngaphambili yonke into.

³⁸ Niyakholwa nonke ukuthi uNkulunkulu ungongenasiphelo na? Awu, uma Engongenasiphelo, Wazi onke amazeze ayoke abe semhlabeni, ukuthi laliyoke licwayizise kangaki amehlo alo, nokuthi beliyokwenza amafutha amangakanani, ngaphambi kokusekelwa kwezwe kuze kuqale. Manje, lokho bekungeke ngisho kuzwakalise ukungabi nasiphelo, okungenasiphelo.

³⁹ Uphelele kakhulu, waze Wazi konke ebesiyoke sikwenze. Wazi ngaso sonke isikhathi, ukuthi zingaki, ukuthi uzipho lwakho luyoba lude kangakanani, nokuthi ucwayizise kangaki iso lakho, nokuthi unyakazise kangaki umunwe wakho, ngaphambi kokuba izwe lize liqale, wonke umuntu ngamunye. Lokho ngokungenasiphelo. Niyabo? *Okungenasiphelo*, akukho nje, akukho-kuchaza kukho, ngakho awukwazi ukuchaza igama.

⁴⁰ Kufana nje nasekhamerani yakho—yakho, noma, lapho uhamba weqe ibanga elithize, khona-ke ku—kuyaqhubeka nje, kuyiphakade. Manje, lowo nguNkulunkulu. Khona-ke Wazi zonke izinto.

⁴¹ Manje, sizothola ukuthi Umise eBandleni izinkonzo ezithile zeminyaka ethize, niyakukholwa lokho. Impela, Wakwenza.

⁴² Manje, sonke sisendaweni yentokozo nedili nemidlalo, noma, esekisini, asikwazi ukungena, asinamali. Manje, ngibuka e, sithi, uMfowethu Borders lapha, mhlawumbe ungomfishane, indoda eqatha, uqine ngokwenele, angathwala amanzi aye ezindlovini, mhlawumbe azingenise. Awu, bengingekwenze, ngoba ngithi ukuba yintengentenge, kodwa ngimude ngempela futhi ngizacile.

⁴³ Futhi siyashelala ngapha kothango olukhulu, lwebhodi, futhi—futhi sobabili sithi sizothola imbobo esiqwini sesihlahla, futhi kuphezulu le *lapha* phezulu. Awu, uMfowethu Borders ubengeke neze akhuphukele kuleyombobo esiqwini sesihlahla, kodwa ngingakwazi uma ngizogxuma. Kulungile, ngizokwenza ukugxuma okukhulu kakhulu bese ngidumela iminwe yami ngaphezulu nje kothango, ngizokwenyuka, ngibuke ngembobo, "Whewu!" Ngiyabuya ngehle.

Uthi, "Uboneni na?"

“Indlovu.”

“O, uyibonile na?”

“E-hhe, ya.”

“Yini enye oyibonile na?”

⁴⁴ Manje, leyo yimibono eniyibona lapha ebandleni. Niyabo, ngimi lapho, wena, qobo lwakho, usebenzisa lokho, uyazenzela lokho. Lapho uphandle lapho ezethamelini futhi ukholwa, nguwenwa owenza lokho ngokwakho.

⁴⁵ UJesu watshela owesifazane, “Ukukholwa kwakho.” Akakuzwanga ngani ukuthinta kwabo bonke abanye na? Babengenakho lokho kukholwa. Kodwa lowo wesifazane oyedwa waMthinta, niyabo, “Ukukholwa kwakho kukusindisile.”

⁴⁶ Manje, into yokuqala uyazi u. . . Manje, lapho, umi emsamo, nangu umuntu, angikaze ngibabone empilweni yami. Kulungile, ngenzenjani na? Ngingena ekuziphumuzeni kwami uqobo ngingene esiphiweni. Futhi into yokuqala uyazi, ngibona owesifazane, yena unomdlavuza, “Wena unomdlavuza.” O, he, lapho ngiqathaza, njengokuthi, ngisuka lapha, niyabo, “Whewu! Lokho bekunzima.”

⁴⁷ “Yebo, nginomdlavuza.” Niyabo? Lokho bekufanele kwethuse zonke izethameli, kodwa akukwenzi; akumethusi ngisho ngezinye izikhathi.

⁴⁸ “Ukuqagelile lokho.” Ngiyakuzwa ngayo leyonkathi, niyabo.

“Manje, yini enye oyibonile na?”

O, nakhu sihamba futhi, ngigxumela phezulu, ngibambe iminwe yami, ngoba ngivele ngifinyelele kancane kukho, ngidonse kanzima.

“Yini enye oyibonile na?”

“Whewu! Indlulamithi.” Niyabo?

“Yini enye enginayo na?”

“Awu, futhi inokukhwehlela kwesifuba somoya.”

“Ya, kunjalo.”

⁴⁹ Sekuthi angibe ngohambile ngalesosikhathi. Niyabo? Manje, nakhu kumi ibandla lonke lifuna ukwazi okuthile ngabo uqobo. Niyabo, bayazenzela lokho.

⁵⁰ Manje, nakhu kufika i—isiqhwaga sidlula, umphathi wesiyingi, “Wenzani, ndodana na?”

“Bengibuka ngale kothango ngalembobo esesiqwini sesihlahla, ngitshela lamadoda.”

⁵¹ Ufinyelela phansi, angifake esandleni sakhe, ungiqukula lapha, uthi, “Uyabona *lapha* na? Uyayibona leyonto *lapho* na? Kuyenzeka, kuza *ngapha*. Abagibeli beGarland beza *ngapha*, behlela *lapha*, futhi kwenzeka ezansi *lapha*. Nalona wesifazane

ugxumela phansi *lapha*, wedlula kulezo indingilizi yomlilo. *Lokhu* kuyaphuma.”

“O, kungaleyondlela okungayo na?”

“Ya.”

“Kulungile.”

“Kungaleyondlela, ndodana.”

⁵² Manje, lowo nguNkulunkulu esebenzisa isiphiwo saKhe; nangu wena usebenzisa isiphiwo sikaNkulunkulu. Lapho embonweni wangempela nguNkulunkulu esebenzisa isiphiwo saKhe, lokho akungikhathazi neze, akungilimazi nakancane, ngoba nje ngihlezi ngqo entendeni yesandla saKhe, Uyangikhombisa. Yilapho uNkulunkulu efuna khona ukusebenzisa isiphiwo saKhe; futhi yilapho wena usebenzisa isiphiwo sikaNkulunkulu.

⁵³ Angikwazi ukusisebenzisa, akusikho okwami, kungokwakho. Angiziboneli lutho mina. Niyabo? Konke kungokwakho. Nginzinkulungwane zezinto enhliziyweni yami kulentambama ngifisa sengathi Ubengangikhombisa, kodwa Akangikhombisi ukuthi ngenzeni, ngami, kungokwakho. Ngiyinceku kaNkulunkulu yomphakathi nje kini. Seniyaqonda manje na?

⁵⁴ Manje, wena uthi, “Lokho akukho ngokomBhalo, Mfowethu Branham.”

⁵⁵ Yebo, kunjalo. Manje awume kancane, uJesu wayehlala noMarta, noMariya, noLazaru. Niyakukhumbula lokho na? Futhi uYise wathi eNdodaneni yaKhe, “Ngifuna ukusebenzisa...” Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu wayekuKristu na? Impela, Wayekuye. Kulungile. UBaba ufuna ukusebenzisa isiphiwo saKhe emhlabeni, ngakho Utshela uJesu, “Hamba usuke ekhaya, ngoba uLazaru uzofa, yiba ngohambile izinsuku ezine. Emva kwezinsuku ezine, uLazaru uzobe esefile, khona-ke Wena buya futhi ubuyele emuva futhi umvuse kwabafuleyo.” Lokho akukaze... Akazange athi akukho-mandla ashiya lokho.

⁵⁶ Waqhubeka ngale futhi izinsuku ezine, bathumela kuYe, “Woza ukhulekele uLazaru, uyafa.” Wavele waqhubeka nokuhamba. Bathumela esinye isithunywa, “Woza ukhulekele uLazaru, lo Omthandayo, uyafa.” Wayelokhu eqhubeka nje.

Kwase kuthi emva kwesikhathi, Wathi, “ULazaru ulele.”

“O,” bathi, “uma elele, wenza kahle.”

⁵⁷ Wathi, “Ufile. Futhi ngenxa yenu, ngiyajabula ukuthi beNgingekho lapho.” Ngoba bebeyobe beMzama, ukuMthola ukuba enze okuthile okwakuphambene nentando kaNkulunkulu.

58 Futhi mfowethu, dadewethu, uma ngingaphinde ngikubone, lokho ngenye yezimpi ezinkulu kunazo zonke enginazo. Bukani ngqo phezu kwezethameli futhi nibone umuntu engimaziyo ukuthi akazukuphila, bese kuthi-ke omunye azame ukungithola ukuba ngenze into ethize ephambene nentando kaNkulunkulu. Futhi angikwazi ukumtshela lowomuntu, ngoba ngiyamtshela, kuzobalimaza. Futhi nakho lapho okhona, ufanele nje ukuvalele emphefumulweni wakho futhi ukugcine, futhi ulokhu uqhubeka, ukhuleka. Ku—kuyabulala. Bese kuthi-ke, into yokuqala niyazi, khona-ke sizo . . .

59 ULazaru, ngenkathi Ebuya, waya ethuneni likaLazaru, lalalani ukuthi Wathini, “Baba, ngiyaKubonga, Usuvele uNgizwile.” Niyabo? Niyabo? Wayevele ekwazi. “Kodwa ngikhulekela laba omi ngapha.” Wayesebiza uLazaru ethuneni.

60 Manje, Akazange asho lutho nge . . . Owayevusa indoda emva kokuba isinezinsuku ezine ifile, nezilokazane zazidla umzimba wayo, naleyondoda yasukuma, yabuye yaphila, yase iya esidlweni sakusihlwa kanye noJesu. Ngabe kunjalo na?

61 Manje, leso kwakuyisimangaliso esikhulu kunalowo wesifazane omncane owedlula futhi wathinta umphetho wengubo yaKhe, Wathi, “Ngibe buthakathaka. Kuphumile amandla kiMi.” Ngabe kunjalo na?

62 Okunye kwakunguNkulunkulu esebenzisa isiphiwo saKhe, okunye kwakuyilowo wesifazane esebenzisa isiphiwo sikaNkulunkulu, ngokuba wathi enhliziyweni yakhe, “UnguMuntu ongcewele, uma ngingathinta ingubo yaKhe, ngiyosinda.” Niyakukhumbula lokho na?

63 Ngakho nanko umbono. Manje kukhula ngale kwalokho manje, kuza endaweni lapho abantu abakubonile ukuba babe nokuzethemba nokukholwa, ozokhuphukela lapha phambi kwami, futhi ngizoma nje ngikhuluma nabo, futhi uma nje bezosho into efanele ngohlobo olufanele lokukholwa, khona-ke lologcobo luzofika kimi, futhi khona-ke ngizobacela, kuzokwenziwa khona lapho. Niyabo? Bhekisisani nje.

64 Futhi lomhlangano ubumkhulu. Awuzazi nje izimfazazo engizinqwabele laphaya phezu kwedeski lami, nezinto ezinjalo, noma e, ekamelweni lami, kwabantu obhale waphendula futhi wathumela emuva izimfazazo zokuphulukiswa, nezingane ezinelukhemiya, nazo zonke izinhlobo zezifo, nezinto.

65 Futhi emva kokuba sengihambile isikhathi eside, nina befundisi bhekisisani emabandleni enu, nizobona owesifazane ethi, “Leyonkathazo yabesifazane ebenginayo ayisangikhathazi, Melusi,” noma, “Lenkathazo yesisu ebenginayo . . .” “Inkathazo yami yenhliziyi isihambile yonke.”

66 Angikwazanga ukubabiza, angikwazanga ukubabiza, kugcewele nje ezethamelini, ndawo zonke, ngesifutho esisodwa

esikhulukazi nje. Ubungeke ubabone bonke, ubungeke ukhulume nabo, kodwa nje kukuyo yonke indawo, banakho.

⁶⁷ Njengoba nje ngishilo ngencane, intombazane yaseFinland izolo ebusuku. Wena... Izokuthola emva kwesikhashana, ngakho lokho—yilokho kuphela. Futhi ngakho ngaleyondlela ngihamba nginokuzethemba enhliziyweni yami, kulentambama, ukwazi ukuthi izinto esingazi lutho ngazo manje, sekuvele kufeziwe emehlweni kaNkulunkulu. Ngakho, uNkulunkulu anibusise, ngayo yonke inhliziyo yami.

Asikhuleke umkhuleko manje kuNkulunkulu.

⁶⁸ Baba wethu waseZulwini, emva kokubonga abazalwane bethu nodadewethu ngakho konke ukubambisana kwabo, nabaningi ukhulekile futhi wazila ukudla, namabandla alangazelele futhi azikhandla, nabefundisi wedlule ebunzimeni obukhulu, kodwa siyaKubonga, Nkosi, ukuthi kukho konke kwakho kube nezinto ezinkulu ezifeziwe. Ngingazi kanjani ukuthi abashumayeli abayikuvela kulomhlangano na? Ngingazi kanjani ukuthi into ethize ayenziwa ezofaka ugqozi amadoda asevele emiselwe ukushumayela na? SiyaKubonga nje ngakho konke.

⁶⁹ Abaningi bayaphulukiswa, uzoqinisa izwi lenceku yaKho, nabazalwane abakhonzisayo nomakhelwane bazothola, futhi bazi ukuthi amazwi ami ayiqiniso, ukuthi angamaZwi aKho engiwakhulumela Wena, ukuthi abaningi lapha uphulukisiwe futhi akakawazi okwamanje.

⁷⁰ Manje, Baba, ngikhulekela ukuthi Uzosibusisa ekusongweni kwalomhlangano kulentambama. Nkulunkulu, kwangathi lamabandla angakhula futhi aphumelele emvuselelweni kuze kufike uJesu. Siphe khona, Nkosi. Yizwa imikhuleko yabantu baKho.

⁷¹ Futhi siyaKubonga ngenhlonipho yokuzithoba nezinhlonipho zabantu. Futhi kulotshiwe eZwini laKho, “Enikwenza kwabancinyane,” lowo kuyoba yimi, “omncinyane wabancinyane baMi, nikwenzile kiMi.” Futhi njengoba belihlonipha izwi englishumayelile, nalomfowethu othandekayo enza lesositatimende emizuzwaneni embalwa edlule esingeniwani sami, Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzombusisa kakhulu kakhulu, futhi ngiyaqonda ukuthi ukhulumele abantu, ngokuba bonke baphendule ngokujabula. Futhi ngikhulekela ukuthi okucebe kunakho konke kwezibusiso zaKho kuzoba phezu kwabo, Nkosi. Siphe khona.

⁷² Ngikhulekela zonke izinkonzo zabo, Nkosi, namabandla abo. Kwangathi bangaphumelela, futhi bakhe, futhi—futhi banwebe, futhi izethameli zibe zinkulu kakhulu, nezihlalo zasesontweni zonke zigcwele, nama-altare egcwele phama, ne—nezinkulu, izimangaliso zokuphulukisa zizokwenzeka

ngezandla zabo. Ukuthi Ubusondele kakhulu kithi, Nkosi, ukuthi kuyasikhuthaza ukwazi ukuthi Usenathi.

⁷³ Siyaqonda ukuthi lesi yisikhathi sokuzamazama, ukuthi lapho iBandla lizofika engcosaneni ngesibalo, ngokuba kulotshiwe, “Ningesabi, mhlambi omncane, kuyintando enhle kaYihlo ukuninika uMbuso.” Futhi siyaqonda ukuthi lokho kufanele kufike kuleyondawo, ukuthi amakhoba nokolo kufanele kwehlukaniswe. Futhi siyazi ukuthi lesi yisikhathi sokwehlukanisa, lapho izwe lizoqhubeka likhula libe libi kakhulu, kodwa iBandla lizokhathazeka kakhulu, noMoya waKho uzoba mkhulu ngokwedlulele futhi ube namandla kakhulu ngaso sonke isikhathi eBandleni, aze uKristu neBandla bahlangane ndawonye.

⁷⁴ Nkosi, siseze kulentambama ukuthi akuzukubakho noyedwa umuntu obuthakathaka phakathi kwethu lapho sesihamba. Manje nginikela lababantu ezandleni zaKho, ngizinikela mina ezandleni zaKho. Nkosi, sebenza ngathi, siphe okuthile okwengeziwe kulentambama ekuvalweni kwalenkonzu ukuze sonke sikhumbule inqobo nje uma sisaphila, nawo wonke umhlangano.

⁷⁵ Sikhuleka lesisibusiso njengoba sifunda iZwi, Linisele, Nkosi. Wena wathi, “IZwi laMi alizukubuyela-ze kiMi, Lizofeza lokho eLahloselwa khona.”

⁷⁶ Futhi bonke abagulayo olapha kulentambama, kwangathi kungebebikho noyedwa umuntu obuthakathaka lapho lenkonzo isiphelile. Kwangathi uNkulunkulu angafika abe ngokoqobo kakhulu kubo, ukuthi bonke ubumnyama bokungabaza noma izinkolelo-ze kuyoxosha ezinhliziyweni bako futhi bebeyobona, ngokuphelele, iNkosi uJesu isebenza phakathi kweBandla laYo. Siphe khona, Nkosi. Bese kuthi-ke, mababambe ukukholwa kwalokho, futhi baphume lapha kanye nabesilisa nabesifazane, abafana namantombazane kulentambama.

⁷⁷ SiyaKubonga ngokuphulukiswa kwalena encane, ingane ethandekayo, futhi ngijabula kakhulu. Nokho, ngatshela umkami ngeSonto eledlule, “Angilambile, asingahambi siyodla.” Kodwa ayibusiswe inhliziyo yakhe, wangincenga kwaze kwathi, ekugcineni, ngahamba nabo, kwase kuthi-ke esitaladini, ngahlangana nalomama omncane. Futhi kwakukhona into uSathane ayecabanga ukuthi wayengayiphanga leyongane eyigugu kulokho kuphulukiswa, ebangela lowomama ukuba angabaze kancanyana nje lapho, ngenxa yokuthi Wamtshela ukuthi yena, qobo lwakhe, wayengowasemzini othize, futhi yilokho impela Owawukuqondile, khona-ke emi eceleni kwemoto, ukuthi uMoya waKho omkhulu ubuya kanjani futhi, futhi wakuvula kuye, futhi wamtshela. Manje namhlanje... Wase-ke ekholwa.

Manje namhlanje ingane yakhe encane iyasinda, sibonga kakhulu ngalokho, Baba.

⁷⁸ Abanye abaningi, bonke, abaningi kakhulu baphulukisiwe, futhi siyaKubonga ngakho; imiphefumulo esindisiwe, siyaKubonga ngakho. Futhi kwangathi yonke into ingaba sodumweni nenkazimulo yaKho, ngokuba sikunikela konke kuWe, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana yaKho. Amen.

⁷⁹ Manje, sizophenya, kulentambama, kwelikaMathewu oNgcwele okomlayezo wokuvala. Futhi ngi—ngiyanitshela, ngifanele ngivume okuthile. UMathewu oNgcwele, isahluko 14, ivesi 27.

⁸⁰ Futhi ngifuna ukuvuma into ethize. Bengicabanga ukuthi bengishumayela kalukhuni nje. Futhi nginokwesaba okuncane nga—ngabefundisi, niyabo. Ngiyi...Bangabelusi bezimvu, bafanele babe nokusola kancane, ngoba baphakela umhlambi kaNkulunkulu, noMoya oNgcwele ubenze ababonisi. Kodwa ngenkathi mina ngendlela yami enensayo, yaseningizimu... Ngangivame ukucabanga ukuthi ngangingumshumayeli kudala.

⁸¹ Ngiyakhumbula ngenkathi ngi...Ubaba wami wayengumgibeli, futhi wayevame ukufundisa amahhashi ayimidlwembe, futhi wayengumgibeli wangempela. Awu, ngiyakhumbula ngenkathi ngiphuma, emva kokulima ummbila, nezinto usuku lonke, sasingenisa ihhashi elidala lokulima, uBaba wayesalokhu engemuva ensimini elima. Sasinokokuphuzela imfuyo kwamanzi okudala, kokhuni. Niyakukhumbula na? Ugodo oludala lwagwedwa lapho amahhashi ephuza khona, niyazi, emthonjeni omdala ophethuzayo na?

⁸² Futhi ngangiletha ihhashi elidala ezansi lapho, ngidonse amahhanisi, bese kuthi-ke siyo...Ngangithola isihlalo sehhashi sikaBaba, niyazi, bese ngiphumela lapho. Futhi abafowethu abancane babehlala bazungeze othangweni. Futhi ngangizitholela isixha sikagudluthukela, bese ngiwudonsela phezulu lapho, ngiqinise ibhande lokubamba isihlalo sehhashi, bese ngikhwela kulo. Lelo elimpofu, ihhashi elidala, elidala kakhulu futhi likhathele, niyazi, lalingakwazi ukususa izinyawo zalo emhlabathini. Lalivele limpongolozwe, niyazi, ngangiphosa lesosigqoko ngapha nangapha, ngangicabanga ukuthi ngangingumgibeli.

Ngathi, "He! Bangidinga ngiphumele entshonalanga ukuba ngifundise amahhashi abo."

⁸³ Ciske ngineminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala, ngathi nyelele, ngaya e-Arizona, kwenzeka ukuba ngibe lapho ngesikhathi somdlalo wokudlala amahhashi. Awu, ngafaka ipheya lamagomazi; Ngangihlale ngifuna ipheya. AkaBaba ayesezugile, ngakho...Walimala, ngakho wadingeka ayeke ukugibela. Futhi ngacabanga ukuthi ngizozitholela

ipheya lamagomazi, ngase ngiphuma futhi ngafaka ipheya. Ngangimncane, empeleni, niyazi, futhi kwakungokomunye walabo basentshonalanga abanemilenze emide, futhi kwakukhona isikhumba esanele sendlalwe kwiphansi ukwenza isihlalo sehashi ngaso, cishe. Kwakubukeka njengeline lalamaqhude amancane amabhantamu enalezozimpaphe, niyazi, enamathele... Ngangingeke ngizigqoke lezozinto. Ngakho, ngangifuna ukuthatha imali yesihlalo sehashi ngiye ekhaya, niyazi, ngigibele isihlalo sehashi esiyisiliva, futhi niyazi ukuthi ngikhuluma ngani. Ngakho ngazitholela ipheya likaLevi, ngase ngiphuma ngaya e—esibayeni.

⁸⁴ Futhi bathi babezokhipha ihhashi elingumgulukudu, futhi ngakho omunye umgibeli odumile wayezoligibela. Ngazinja phezulu lapho ngase ngibuka onke lawa amadala, amakhawa angamile kahle, niyazi, ehlezi kuloluthango, ebukela, ngakhwela ngase ngihlala phansi ngakuwo. Ngabuka, ngiwabonile ama-ovaloli abo, niyazi, onke esulekile futhi egugile, awami, ngavele ngabatshela nje ukuthi kwakuyipheya elisha. Ngangingumgibeli, empeleni, niyazi, ngacabanga, “Ngizobakhombisa ukuthi agitshelwa kanjani lamahhashi phandle entshonalanga. Ngizobatshela ukuthi kwenziwa kanjani.”

⁸⁵ Ngihlezi lapho, ngibabuka yonke indawo, niyazi. Futhi into yokuqala niyazi, baphuma ekutshuzeni, lomfo wakwenza, ehhashini elibizwa ngeYellow Fever, uphawu olukhulu enqulwini yalo. Cishe ukulimisa ngezinyawo zangaphambili okuthathu noma okune nokulitshakadulisa noma okubili, nehhashi lahamba *ngenye* indlela, umgibeli *ngenye*; abathwali bathatha ihhashi, ne-ambulensi yathatha umgibeli.

⁸⁶ Omemezelayo uyeza, wayesethi, “Ngizonika noma yiyiphi indoda amadola ayikhulu ezoligibela imizuzwana engamashumi amathathu.” Wehla ngalapho, futhi wama phambi kwami, wathi, “Ungumgibeli na?”

Ngathi, “Qhobo, mnumzane.” Lokho kwakhipha umoya ovunguzayo kimi *khona manje*.

⁸⁷ Ngenkathi ngisengumshumayeli omncane oyiBaptisti, ngangivame ukugodla iBhayibheli lami ekhwapheni lami, niyazi, futhi ngehlele ezansi nedolobha, ngiyobona abehlukene, bayothi, “Halo, Mfundisi ohloniphekile.” O, lokho kwazwakala *kukukhulu*, niyazi. Yebo, mnumzane.

“Ungumshumayeli na?”

“O, impela nginguye.”

⁸⁸ Ngolunye usuku, kwakukhona intombazanyana egama linguBetty Daugherty, nayifunda indaba, enkonzweni yami waphulukiswa. Owokuqala enkonzweni yami, ngenkathi iqiniswa kimi laphaya; noyise wayengumshumayeli wePentecostal. Futhi ngehlela emhlanganweni. He, o, he!

Leyondoda yayishumayela, ize, yayingadingi-mayikrofoni, yayiyoshumayela ize iphenduke ibe luhlaza okwesibhakabhaka ebusweni, ixegezelisa amadolo ayo, futhi ihambe icishe iye kwiphansi, ibuye yenyuke ibamba umoya wayo, wawungayizwa cishe ibanga elingangezindlu zasedolobheni ezintathu noma ezine isalokhu ishumayela.

Omunye uthi, “Ungumshumayeli na?”

Ngathi, “Qhabo, mnumzane, angisuye. Qhabo, mnumzane.”

⁸⁹ Izindlela zami ezindala ezinensayo, zaseningizimu angikwazi nje ukucabanga ngakho ngokushesha kangako, yilokho kuphela. Ngifanele ngithi ukuthatha isikhathi sami futhi ngihambe ngijikeleza, futhi ngithi ukulinda kuMoya. Futhi nje nginensa kakhulu, yilokho kuphela, labobazalwane bePentecostal bayovele babaleke futhi bangishiye. Ngakho, futhi ngithi ukunensa ngokusho ngokuba ngumshumayeli phezulu emsamo lapho ngazi ukuthi lokho kusemva kwami, niyazi, ngithatha kalula kakhulu.

⁹⁰ Kodwa ngenkathi ngibezwa bethi ukushumayela ngobungcwele, bayakuthakasela, nabanye balabo befundisi bengixhawula, futhi bethi, “Lokho kuhle, Mfowethu Branham, lokho kusinika isibindi, futhi siqhubekele phambili.”

⁹¹ O, ngayeka ukushumayela ebusukwini obuthi abube bubili, obuthathu obedlule futhi nje ngaqala ukufakaza, ngoba ngangesaba ukuthi ngangsi, kungahle ukuba ngithola ukuba nesihluku kancane kukho, niyazi, ngakho nga—ngavele ngakuyeka nje. Kodwa mina, ngokuzayo uma ngibuya, ngizoqhubeka nokushumayela, ngoba ngiyazi nina enivele nibekezelele amasassafras ayifeshini endala. Bangaki owaziyo ukuthi yini amasassafras na? Awusho, mfana!

⁹² Bangaki abake balala phezu kotshani obomile na? Bangaki ovela eKentucky na? He, lokho—lokho ngempela.. Leyo yiKent-...Ngani, ngazalwa embhedeni wotshani obomile. Kunjalo. Ngalala emqamelweni wekhoba cishe impela nje yonke impilo yami. Asikaze sibe namalambu kagesi, kwaze kwaba muva nje.

⁹³ Futhi ngiyakhumbula uBaba wayevame ukushefa, wayeba nesixheke samakhoba ommbila, niyazi, wazenzela ibhulashi lokushefa. Phuma uye kubhavu kaMama, thatha insipho endala yamanzi ephuma emlotheni a...sabilisa izinto ezindala futhi senza insipho yamanzi aphuma emtholeni, futhi...?...phezulu kanjalo, egeza ikhanda lakhe, nakho konke, leyonisipho yamanzi aphuma emlotheni, athathe lelibhulashi elidala bese efaka amagwebu ensipho ebusweni bakhe bese eshefa. O, he! Ngifisa sengathi ngabe ngiyambona futhi, impela ngifisa sengathi bengingakwazi.

⁹⁴ Kodwa bambelela kuKristu, noma, lokhu: uKristu akabambelele kuwe. Kufana nje nesinye isikhathi...Uma

nje uzoMvumela akubambe! Manje, asisilo iBandla elikhulu, lelo yiqiniso, kodwa ngikholwa ukuthi uNkulunkulu usibambile.

⁹⁵ Intombazanyana yami, uRebekah *lapho*, ngixoxa indaba encane ngaye noSara ngesinye isikhathi. Bobabili ba-bangamantombazane amancane kaBabayi, niyazi. Futhi ngakho, ngiyophuma kuze kube leyithi, niyazi, futhi ngi-ngiyabathanda abantwana bami, futhi angizange ngingene kwaze kwathi mhlawumbe amaviki. Futhi ngiyamkhumbula uRebeka ngenkathi ngi. . .

⁹⁶ Ukuzalwa kwakhe kwakungukumaka kwenkonzo yami. Ngacela iNkosi uma Ingangivumela ngihlale ekhaya ingane ize izalwe. Futhi ngenkathi ngi. . .yazalwa, futhi ngasuka ohambweni, futhi ngabuya, futhi uqala ukungazi. Emva cishe kwezinyanga eziyisithupha ubudala, noma okuthize, ngaya eSt. Louis, nembalwa yemihlangano yase-Arkansas, ngaqhubeka ngehlela eningizimu, futhi ngenkathi ngihamba ngaleyonkathi, angiphindanga ngabuya cishe unyaka. Ngenkathi ngingena ngolunye usuku olubandayo. . . Futhi sasinamakamelo amabili amancane esasihlala kuwo, futhi kwakunemekwe ngeragi emnyango futhi laphushelwa phakathi, isimo sezulu sasicishe sibe nguziro.

⁹⁷ Nokugcina ingane ingangikhohlwa, umama wayenesithombe sami sihlezi lapho, futhi wayesho kuRebekah, futhi wayethi, “UBabayi, uBabayi.”

⁹⁸ Kodwa lapho sengibuya, ngase ngehle cishe ngamaphawondi angamashumi amabili nanhlanu, cishe zonke izinwele zami zase zihambile, futhi ngathi, “Sawubona, S’thandwa,” wayesaba, wakhala, wayengesaba. Umntanami uqobo engesaba.

⁹⁹ Futhi umama wazama ukuthi, “Babayi,” futhi wayekhomba isithombe, *lowo* kwakunguBabayi, hhayi *lona*, lokho kwathi akungibulale.

¹⁰⁰ Ekugcineni, ngathola imilenze yakhe emincane, ngase ngiyidonsa ngasesiswini sami, ngase ngihlala phansi, ngase ngiqala ukumbambatha, futhi ngimtshela ukuthi nganginguBabayi, futhi ngangikade ngiphumile ngisebenzela iNkosi. Futhi ekugcineni, wacamelisa ikhanda lakhe elincane esifubeni sami, walala lapho isikhashanyana, futhi wayebuye asukume futhi abuke lesosithombe, bese engibuka futhi. Ekugcineni, wanquma ukuthi kwakuyimi, niyazi.

¹⁰¹ Ngenkathi udadewabo omncane ezalwa, awu, uBecky uthi ukuba mude, ozacile, onemilenze emide. . . Futhi ngakho babelindile ngobunye ubusuku ukuba ngifike ekhaya, futhi ngangena kuthe ukuba leyithi. Ngakho-ke lapho ngifika ekhaya, ngani, base bevele sebeye kolala.

¹⁰² Futhi ngokusa okulandelayo, ngangikhathele kakhulu futhi ngikhathele, imibono eminingi, futhi ngangiyiyo, ngozela, futhi ngangingakwazi ukulala, ngangikhandleke kakhulu.

Futhi ngenkathi ngisukuma, ngiphumela ekamelweni, ngani, ngahlala phandle lapho, into yokuqala niyazi, kwenzeka uBecky kwenzeka wavuka kuqala. “Awu, sekuyasa, uBabayi angahle abe lapho.” Nangu eza, lawomaphijama endiza nje. Futhi ngenkathi egijima, u. . .

¹⁰³ Nakhu kuza uSarah, udadewabo omncanyanyana, umntwanyana omncanyana *kanje*, egqoke izingubo azishiyelwa kuBecky. Ngiqagele abantwana benu bayakwenza lokho, nabo. Izinyawo ezithi azibe zinde *kangako*, niyazi, futhi lapha babeshaya lezo zinyawo ezinkulu ziza, nawakhe amancane, amehlo ansundu amadala.

¹⁰⁴ Kodwa uBecky wagxuma ngqo wagxamalazela edolweni lami, *kanje*, wayesengigaxa *kanje*, wayesethi, “Sarah, dadewethu, ngifuna wazi ukuthi bengilapha kuqala,” yileyo ndlela amanye amabandla amakhulu amahlelo acabanga ngayo, ayelapho kuqala, “futhi nginawo wonke uBabayi,” wayezinzile kahle, izinyawo zakhe zazikwiphansi, wazibhalansa kahle impela, wathi, “Nginaye wonke uBabayi, futhi akukho okusalele wena.”

¹⁰⁵ Ompofu, uSarah omncane, wadedela lelokhandla elincane, lawo amancane, amehlo ansundu angibuka, ehlengezela izinyembezi, futhi aqala ukuphenduka. Futhi uBecky wayezigone esondele kimi. Ngaqhweba uSarah *kanje* ngomunwe wami, ngakhipha elinye idolu lami, futhi nangu eza, lezozinyawo ezinkulu zamaphijama zindiza. Wagxuma kahle, wangixamalazela ethangeni *kanjalo*, futhi ngavele nje ngafinyelela ngale ngase ngimbamba ngezingalo zombili ngase ngimbona ngamqinisa impela.

¹⁰⁶ Walala lapho kancanyana encike esifubeni sami, wayesebuka ngale kuBecky, wayesethi, “Rebekah, dadewethu,” wathi, “kungahle kube yiqiniso ukuthi unaye wonke uBabayi, kodwa ngifuna wazi ukuthi uBabayi unami wonke.”

¹⁰⁷ Yilokho-ke. Singahle singabi nayo inqwaba yesayense yezenkolo, singahle singazi kakhulu ngokuthi lihlukani swa kanjani imolekhuli, noma asibadala kakhulu, kodwa into eyodwa, kanjalo nje uKristu unami wonke, yilokho kuphela engikufunayo, niyabo. Ngingahle ngingabi nakho konke okwaKhe, inqobo nje uma Enami wonke, Uzongisiza futhi angizinsise ngokulingene, ngize ngikhule kancane, ngiqinisekile.

¹⁰⁸ Manje, eZwini elidala elibusisiweyo. . . O, ngiyalithanda iZwi! “Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi likaNkulunkulu. Kodlula amazulu nomhlaba, kepha iZwi laMi alisoze ledlula,” kwasho uJesus. Manje:

Futhi uJesus wakhuluma kubo masinyane, wathi,
Ningesabi; *Yimani isibindi; yimina; ningesabi.*

¹⁰⁹ Kufanele ukuthi kwakuthi akube ngukushona kwelanga, kwakukade kuwusuku olukhulu, noma olufudumele, nomdobi

omkhulu, njengoba sazi, uSimoni, omkhulu, umfo oyisidlakela, onempandla, amahlombe abanzi, efuqa isikebhe sasuka ogwini, futhi ekugcineni wasithola, ingemuva lomkhumbi seliphushiwe, wayesegibela yena uqobo, wayesewushovela emanzini, wahamba wehla ngakuzo zonke izihlalo, wayesethatha indawo yakhe eceleni kuka-Andrya, umfowabo.

¹¹⁰ Abantu ogwini babevayizelisa bevalelisa, “UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi,” futhi bevayizelisa, futhi bejabule kakhulu ngenxa yomhlangano omkhulu ngalolosuku. Lapho beqala ukuthatha izigwedlo zabo nganhliziyonye, bedonsa ndawonye. . . Yileiyondlela owenza ngayo isikebhe sihambe, kungenkathi nenza ukushaya okufanayo ndawonye.

¹¹¹ Yilokho engikume esikhaleni nabazalwane bePentecostal, lapho ngamunye singama ngasesigwedlweni sethu futhi sidonse nabo bonke abanye, isikebhe sizohamba siqhubekele ngaphesheya ngqo. Ixolo lethu elincane lizohamba linqamule ulwandle lokuphila, ukuthi sintweza olwandle olukhulu olunesizotha manje. Futhi yilokho esikudingayo ukuhlanganyela, ukubambisana, futhi sidonse ndawonye kancane kancane, kuzowunyakazisa ngempela umthwalo.

¹¹² Futhi lapho beqhubeka bephuma, o, emva kokuba ilanga selivele liphenduke laba bomvu, lishona, baphuma bathi ngqu ebangeni lokuzwa elowokucina evayizela, “Nihambe kahle.”

¹¹³ Futhi ngiyakholwa, ukuthi kufanele ukuthi kwakunguJohane osemncane, njengoba wayengomncane kunabo bonke phakathi kwabo bonke, uJohane osemncane kufanele ukuthi waphushela emuva izinwele ezintekenteke emehlweni akhe, wayesethi, “Uyazi, kade ngicabanga kusukela kulentambama. Futhi, o, iBhayibheli liyilo ngempela kanjani kimi manje! NiMqaphelile yini, bazalwane, lokho kubukeka ebusweni baKhe ngenkathi Ethatha lawomabhiskidi, wayesewahlephula, wayesepha izinkulungwane ezinhlanu na? Ubukeke njengoJehova kimi, emi lapho.

¹¹⁴ “Futhi Wahlephula lezozinhlanzi wayesezinikezela, nezaKhe. . . Ngakhuphukela eduze ngase ngibuka, nokuMbona lapho Eyohlephula leyonhlanzi ibe kabili, ayinikezele, futhi ngenkathi Ebuyela emuva, kwakuyoba nolunye ucezu lwenhlanzi ephekiwe lapho, kuze kuphume izinkulungwane zezincezu zezinhlanzi kulolocwezu lwenhlanzi, eseyivele iphekiwe.

¹¹⁵ “NgiMbonile ngenkathi Ehlephula lelobhisikidi, elinikezela, wafinyelela emuva, nalelobhisikidi lase liphelele futhi, elokhu eqhubeka nje elinikezela. Futhi ngaMbona ecosha bonke labobhaskidi abagcwele ukudla.

¹¹⁶ “Niyazi, bazalwane, nginganiqinisekisa,” ufanele ukuthi wathi, “ukuthi asikhohlisiwe, leyoNdoda inokuxhumana noJehova, ngoba umama wami, ngenkathi ngisengumfanyana,

wayevame ukungifundela izindaba ukuthi uJehova wanisa kanjani isinkwa siphuma eZulwini futhi wondla abantu bakithi, abantu bakithi basendulo, ngenkathi benqamula ugwadule. Iminyaka engamashumi amane ehlane, uNkulunkulu, uJehova, wabondla ngokubela eZulwini, wanisa isinkwa, siphekiwe, emhlabathini, noju kuso. Manje, loMuntu wenza izinto njengoba uJehova azenza kubo.” Amen. Ngiyakuthanda lokho.

¹¹⁷ Wathi, “Uma ningenakuNgikholwa, kholwani yimisebenzi eNgiyenzayo.”

Bathi, “Izwi lakho—lakho—lakho alilungile, uzifakazela wena.”

¹¹⁸ Wathi, “Ababili ngufakazi. NginguFakazi oyedwa, noBaba waMi onaMi ungomunye uFakazi, Wenza imisebenzi.” Ngakho Wayengeyedwa. UBaba . . . Wathi, “Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa, kodwa uma Ngenza imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke uma ningenakuNgikholwa, kholwani yimisebenzi, ngoba imisebenzi nguBaba waMi.”

¹¹⁹ Manje, singasho into efanayo. Uma si . . . Uma ningenakusikholwa njengezinceku zikaKristu, kholwa nguMoya oNgcwele onathi, wenza imisebenzi kaKristu, Mkhholwe.

¹²⁰ Manje, ngakho wathi, “Lokho kufanele ukuthi bekungukuxhumana okuthile noJehova, ngoba uJehova wenza isimangaliso futhi waphakela abantu ngesinkwa ngenkathi belambile, neNkosi yethu, kulentambama, iphakele abantu isinkwa nenhlanzi ngenkathi belambile; kufanele ukuthi bekukade kukhona, ukuxhumana okuthile Anakho noJehova.

¹²¹ “Futhi ngenelisekile, akunandaba ukuthi ibandla lethu lithini, akunandaba ukuthi abaFarisi uthini, noma abaSadusi, noma yimuphi, ngiyazi ukuthi asidukiswanga kuloMuntu, ngoba Wenza imisebenzi kaNkulunkulu. Uhlobo olufanayo lwemisebenzi uNkulunkulu ayenza, Uyayenza, futhi.”

¹²² Ngiyabezwa abazalwane ngaphesheya komkhumbi bethi, “Amen, Mfowethu Johane, kunjalo impela nje.”

¹²³ Manje, kufanele ukuthi kwakunguMphostoli uPetru ngaleyonkathi owathi ukuba sekupheleni kwesikebhe, umdobi, njengoba simbiza kanjalo, kufanele ukuthi kwaba nguye owathi, “Awu,” wayeka isigwedlo sakhe, ehlezi eceleni kuka-Andreya, wathi, “awu, ngizokutshela okungikholisile ngaphambi kwalentambama, Johane. U-Andreya wahamba ukuyoMbona kuqala, futhi ufika engitshela ngomProfethi waseGalile, ngase ngithi, ‘O, Johane, ungathatheki yinqwaba yalombhedo oqhubekayo ngalolusuku.” Ngoba niyazi kwakukhona omphekukristu abaningana abavuka ngaphambi kokufika kwaKhe, benikwazi lokho, iBhayibheli lasho njalo, ukuthi babiza abaningi. “Kodwa,” wathi, “okwangikholisisa, ngiyakhumbula . . .”

¹²⁴ Futhi bonke abazalwane baphakamisa izigwedlo zabo, ngoba kwakuyilokho nje kuthula kancane ngaphambi kokuba kube mnyama, nofasimba luzungeze uhlangothi lwezintaba, isikhathi esihle, zonke izinyoni zindiza ngaphezulu, ziya ezidlekeni zazo, uNkulunkulu wayezondlile usuku lonke, futhi zazibuthanela ezidlekeni ngenxa yokuhlwa.

¹²⁵ O, ngijabula kakhulu ukuthi uNkulunkulu uzoqoqa abantu baKhe ngesikhathi sokuhlwa, anijabuli na? Yilapho uMlobokazi ezobizwa khona. Benikwazi lokho na? Ngesikhathi sokuhlwa. Lokho kungenkathi uRebeka no-Isaka behlangana, kwakungesikhathi sokuhlwa.

¹²⁶ Futhi lapho izinyoni ziqala ukubuthana phakathi, abazalwane bayeka ekudonseni isigwedlo, futhi ngenkathi bekwenza, uSimoni wathi, “U-Andreya wayelokhu engitshela, ‘Woza, Simoni. Yenyuka futhi ubone lomProfethi waseGalile, Uzokwenza ukholwe kuNkulunkulu.’”

¹²⁷ “‘O,’ ngatshela u-Andreya, ‘Andreya, ufanele ukuthi wathatheka ekugcineni okujulile. Ayikho into okuthiwa ngumprofethi ezinsukwini zethu.’”

“‘Kodwa nanso,’ washo, ‘nanso. Ufanele uze.’”

¹²⁸ “Ngolunye usuku wangincenga ukuba ngihambe. Ngakho, ekugcineni, ngenyuka, futhi ngiyakhumbula ukuthi ubaba wami wangitshelani. Manje, ubaba wami wayengumFarisi oqinile, eqinile impela enkolweni yethu, futhi wangifundisa kahle eBhayibhelini. Futhi ngiyasikhumbula isifundo, ngolunye usuku, ehlezi ogodweni oludala, noma ekugcineni komkhumbi emva kokuba sesidonse usuku lonke, futhi wayesegugile futhi esempunga, futhi wangifaka emathangeni akhe, futhi ngangisengumfana nje, wayesethi, ‘Simoni, mfana wami, uyihlo ukukhulise ukuba ukholwe kuNkulunkulu. Ngizamile ukuphila impilo eqinile yenkolo yethu, umFarisi, futhi ngifuna nenyuke ukuba ukhonze uNkulunkulu futhi uMkholwe. Bengilindile zonke izinsuku zami, Simoni, ndodana yami, ukubona uMesiya efika, ngiyazi ukuthi Uzobukeka kanjani, ngiyazi ukuthi Uzoba yini lapho Efika. Futhi ngiyabona, angikhulwa ukuthi ngizokwazi ukuMbona.’”

¹²⁹ NoSimoni angahle ukuba wama lapha, wayesethi, “Ngibona ubaba wami omdala ebhulasha izinwele ezisusa emehlweni akhe, njengentshebe empunga nezinwele, sasidobe ndawonye olwandle lwaseGalile lapha zonke izimpilo zethu, futhi wathi, ‘Simoni, ndodana yami, ungaphila uze ubone uMesiya. Futhi nxa Efika, Uzoba Ngolahliweyo. O, Akazukuba nabalandeli abaningi ukuba baMlandele, kodwa Uzobiza abaKhethehiweyo bakaNkulunkulu. Uzobiza, futhi Simoni, ngikhuleke kanzima ukuthi ngiyokhulisa umfana, uyoba phakathi kwabaKhethehiweyo bakaNkulunkulu.’”

130 “Manje, Simoni, nxa uMesiya efika, ngifuna ukhumbule, Uzogxekwa, kuzohlekiswa ngaYe, kodwa nasi isibonakaliso sokuthi uzokwazi ukuthi UnguMesiya: Uzoba nguNkulunkulu-mProfethi, ngoba uMose, umprofethi omkhulu esimlandelayo, wathi iNkosi, uNkulunkulu wethu, iyakuvusa umProfethi onjengaye. Manje, Uzoba ngumProfethi njengoMose, kodwa omkhulu kakhulu kunoMose. Niyabo? Uzoba ngumProfethi, iNkosi, umPristi, uMnikezeli-mthetho, Uzoba nguNkulunkulu enyameni, kodwa Uzokwenza isibonakaliso somprofethi, futhi yileyondlela oyokwazi ngayo ukuthi UNgoqinisileyo. Niyabo?”

131 Futhi wathi, “Khona-ke ngenkathi ngenyuka phambi kwaloJesu waseNazaretha, futhi ngacabanga, ‘Ngizohamba futhi ngibone ukuthi ngumuntu onamanga. Angikukholwa lokho u-Andreya angitshela khona, ngikholwa ukuthi ubanjwe nje emadlingozini athize.’ Kodwa ngenkathi ngiphuma emkhunjini wami, wangitshela ukuthi Wayephezulu lapho osebeni, futhi ngenyuka ngase ngihlala phansi esinqamini, ngalinda ukuzwa lomGalile ekhuluma.

132 “Futhi Esakhuluma, Waphenduka wayesengibuka. Futhi ngenkathi Engibuka, ngazi ukuthi Wayehlukile kwamanye amadoda.” Ake nje Yena akugqolozele kanye. “Ngazi ukuthi kwakukhona *okuthize* ngaYe. Ngenkathi ngiMuzwa ekhuluma, Akakhulumanga njengomuntu ojwayelekile, Akakhulumanga njengomFarisi, Akakhulumanga njengompristi, Wakhuluma njengomuntu owazi ukuthi wayekhuluma ngani, futhi Wayenelisekile ngempela ngalokho Akusho.

133 “Futhi lapho Eseqedile eNkulumweni yaKhe, ngasukuma ngase ngiMbuka ngokumangala, futhi Waphenduka wayesengibuka, Wayesethi, wangibiza ngegama lami, wathi, ‘Igama lakho unguSimoni.’ Akusikho lokho kuphela, kodwa Wayelazi igama likababa wami omesabayo uNkulunkulu, omdala osehambile, wathi, ‘Wena uyindodana kaJonase.’”

134 Wathi, “Bazalwane, yilokho okwangelisa ukuthi WayenguMesiya, uNkulunkulu-mProfethi, uNkulunkulu-mProfethi. Ngazi ukuthi lowo kwakunguMesiya, ngoba Wayengenandlela yokungazi, futhi nokho Wabiza igama lami, nobaba wami wathi angibheke lokho. Akusikho lokho kuphela, kodwa Wangazisa ukuthi Wazi ukuthi ubaba wami wayengitshela into enjalo.

135 “Angisoze ngakhohlwa, bazalwane, lawomehlo, ukuthi angigwaza kanjani lapho engibuka, futhi Wathi, ‘Igama lakho unguSimoni, negama likayihlo nguJonase.’” Wathi, “Kwakuyilesosikhathi enganeliseka ngaso ukuthi WayenguMesiya kaNkulunkulu.” Ngifisa sengathi besiyoba lula kangako kulentambama, ngifisa sengathi izwe beliyokuqonda lokho. “Ngangazi ukuthi WayenguMesiya.”

¹³⁶ Kufanele ukuthi kwakunguFiliphu ngaleyonkathi, cishe phakathi nendawo lesikebhe, owathi, “Bazalwane, ngifuna ukuxoxa ngoMfowethu Nathanayeli ehlezi phezulu lapho kwesinye isigwedlo. Ngenkathi ngiyomthola, ngeneliseka, futhi ngaMuzwa ebiza uSimoni futhi wazi ukuthi igama lakhe kwakunguSimoni futhi wazi ukuthi igama likayise kwakungu-Andreya, noma, wazi ukuthi igama likayise kwakunguJonase.” Futhi wathi, “Nganeliseka, ngakho bengifuna ukuthola loMfowethu Nathanayeli lapha, ngoba bengazi ukuthi ubeyindoda elungileyo.

¹³⁷ “Futhi ngenkathi ngiwela ngamtshela ukuba eze abone ukuthi nguBani esimfumene, uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa, wathi, ‘Kungaba khona okuhle okuvela eNazaretha na?’

“Ngase ngithi, ‘Woza ubone.’”

¹³⁸ Manje, leyo yinto enhle ukuyenza, “Woza uzibonele.”

¹³⁹ “Futhi emgwaqeni uzungeza, uyakhumbula ubuyothi, Mfowethu Nathanayeli, ukuthi sikhulume kanjani, futhi ngakutshela ngenkathi uthenga lezozinhlanzi kulowomdobi omdala owayengakwazi ngisho nokusayina irisidi, wayengakwazi ukusayina igama lakhe uqobo, engafundile kangako.”

¹⁴⁰ Futhi nokho, wenziwa inhloko yeBandla futhi wanikeza izihluthulelo zesihogo nokufa, qhabo, izihluthulelo zoMbuso kwakuyizo, ngiyaxolisa, uJesu wavuka nezihluthulelo zesihogo nokufa, wanikwa izihluthulelo zoMbuso.

Manje, “‘Yebo,’ wathi, ‘NgiyaMkhumbula.’

¹⁴¹ “‘Ngani Wamtshela ukuthi igama lakhe kwakunguSimoni negama likayise kwakunguJonase. Manje, uyindoda ekhaliphile emiBhalweni, ngabe uMesiya akazoba yilolohlobo loMuntu na?’

“‘Yebo. Yebo, kunjalo.’

“‘Bekungeke kungimangaze uma Engakutshelanga ukuthi ubungubani, ngaphambi kokuba usuke emhlabathini.’

“‘A, ngizofanele ngikubone.’

¹⁴² Kwase kuthi-ke ngenkathi uMfowethu Nathanayeli enyukela eBukhoneni beNkosi yethu, Yathi kuye, ‘Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye,’ futhi wammangaza kakhulu.”

¹⁴³ Futhi khona-ke uNathanayeli wathi, “Yebo, ngimangele. Ngathi kuYe, ‘Rabi, Wake wangibona nini na?’

“Futhi Wathi, ‘Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona.’”

¹⁴⁴ “Wathi, “Ngangenelisekile ukuthi Lowo kwakunguMesiya, futhi ngawa ngobuso bami phambi kwaloMuntu, ngase ngithi, ‘Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyiNkosi ka-Israyeli.’ Nganeliseka, bazalwane.”

¹⁴⁵ U-Andreya, umfowabo kaPetru, wayesethi-ke, “Kodwa bazalwane, sonke, ngalolosuku, niyazi, ngenkathi Ehlela eJeriko, wadubula ngqo eJeriko esuka eJerusalem, kodwa Wayenesidingo sokudlula ngaseSamariya, enhla ngasegqumeni, wathi uBaba wayethumela phezulu eSamariya. Futhi ngenkathi siphumela lapho, niyakhumbula ukuthi izinyawo zaKhe zazibuhlungu kanjani, futhi Wayekhathele futhi ekhandlekile na? Futhi Wayengeke ngisho angena emzini, Wahhlala phandle lapho ngasemthonjeni.

¹⁴⁶ “Futhi ngenkathi sibuyela emuva ngesinyelela, futhi abasivumelanga singabi nokudla, niyakhumbula, ngakho-ke sathi nyelele sabuyela emthonjeni lapho ababekhona, futhi lapho sifika lapho, sibone owesifazane enyuka, sicabange ukuthi siyovele sime futhi sibone ukuthi lona wesifazane ubeyokwenzani. Futhi sazi ukuthi wayephawuliwe, owesifazane onegama elibi.

¹⁴⁷ “Futhi ngenkathi ehlisa imbiza emthonjeni, sayizwa ingxoxo yabo. Futhi siyibonile iNkosi yethu imi lapho kulowo wesifazane, futhi sibona lezozinwele ziqathakela ebusweni bakhe ngokumangala ngenkathi Ithi, ‘Hamba, ulande indoda yakho, uze lapha.’

“Wathi, ‘Nkosi, anginandoda.’

¹⁴⁸ “Sase-ke simangala, ‘A-o! Nakhu ukushelela, kukhona okwenzekile manje.’” Mhlawumbe njengokuthi, cishe njengoba udadewethu omncane ecabangile, obehlezi lapha esikhashaneni esedlule nengane. “‘Nakhu ukushelela, kukhona okwenzekile manje, ngoba Wamtshela ukuba ahambe ayolanda indoda yakhe, futhi wathi wayengenandoda.’” Ngithemba ukuthi inenekazi elincane lisebangeni lokuzwa, ndawondawo. Kulungile. U . . . “‘Lokho kufanele ukuthi kwakungukushelela.’”

¹⁴⁹ Futhi ngakho, wathi, “Awu, sonke salala lapho ezihlahleni futhi salalela ukubona ukuthi Wayezothini. Futhi wathi, ‘Awu, anginandoda.’

¹⁵⁰ “Wathi, ‘Usho kahle, ngokuba ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho.’

¹⁵¹ “Kwamguqula kanjani owesifazane! Umzuzwana, izinwele zawa phansi, awakhe amakhulu, amehlo amahle acwebezela, izinyembezi zehla ezihlathini zakhe, wathi, ‘Nkosi, ngiyabona ukuthi UngumProfethi wena. Siyazi ukuthi uMesiya uyeza, futhi nxa uMesiya efika, Uzositshela lezizinto.’ Futhi samangala ukuthi amaSamariya angafundile ayosibheka kanjani isibonakaliso sikaMesiya, futhi azi isibonakaliso seqiniso sobuMesiya. ‘Siyazi ukuthi nxa uMesiya efika . . .’

¹⁵² “Labobantu ababengeke basinike ukudla ezansi lapho, bacabanga ukuthi labobantu babeqeqeshwe kahle ngokwanele ukuba bazi ukuthi lapho uMesiya efika, Uyonikeza isibonakaliso sobuMesiya.”

“Ya,” wathi, “Sonke samangala, uyakhumbula?”

¹⁵³ “Futhi wathi, ‘Nkosi, ngiyabona ukuthi ungumProfethi Wena.’ Futhi besiqhathanisa okwashiwo ngumshumayeli ngaYe, nalokho lona owesifazane akusho ngaYe, owesifazane onegama elibi, nokho bazi kakhulu ngemiBhalo kunoma abanye balabobapristi babazi. Babenomgwaqo owodwa nje ababengawuhamba, lona wesifazane wakufunda emqondweni wobuNkulunkulu kaMoya.” Wathi, “Wayengake akwazi kanjani na? Wathi, ‘Ngiyazi lapho uMesiya efika, Uzositshela lezizinto. Kodwa Wena Ungubani na?’

“Wathi, ‘NginguYe okhuluma kuwe.’

¹⁵⁴ “Manje, sonke sasesiqonda-ke ukuthi lowo kwakunguMesiya. Sasenelisekile. ImiBhalo yayifakazile ngenkonzo yaKhe, ukuthi WayenguMesiya.”

¹⁵⁵ Bazalwane, bodadewethu, aniwuboni uMoya oNgcwele namhlanje na? UMoya oNgcwele awuzange uyeke ukuwa ngenkathi Wehlela ePhentekoste. Ungavumeli muntu akutshela ukuthi uMoya oNgcwele usemuva lapho nje. Omunye ezama ukunitshela konke lokhu kuqhubeka ebeninakho lapha iminyaka engamashumi amahlanu. . . iPhentekoste isineminyaka engamashumi amahlanu ubudala manje. Eminyakeni emibili edlule, ngashumayela i—intshumayelo yeJubili e—Angelus Temple yomgubho weminyaka engamashumi amahlanu wePhentekoste. Manje sekube yiminyaka engamashumi amahlanu; onyoko baba noMoya oNgcwele.

¹⁵⁶ Futhi lalelani, njengoba uDavid duPlessis wake wathi, “UNkulunkulu akanabazukulu.” Kunjalo. Sithola abazukulu abaningi kakhulu ePhentekoste. Kunjalo. UNkulunkulu akanamzukulu, akukho ndawo eBhayibhelini ethi uNkulunkulu unomzukulu, uNkulunkulu unamadodana namadodakazi, kodwa hhayi abazukulu.

¹⁵⁷ Manje, okuyikho, manje imvuselelo yokuqala yeMethodisti, babengamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Khona-ke eyabo. . . Bona, izingwazi ezindala, zangenisa abantwana bazo, zase-ke zibafaka nje ebandleni leMethodisti, yilokho impela okwenziwe ngamaPentecostal.

¹⁵⁸ Ngaya kwelinye lamabandla amakhulu ePentecostal esikhathini esingeside esedlule, kwakuyikho, ngokusobala, cishe ezinyangeni ezintathu ezedlule, futhi ngaminywa ezansi. Futhi bazi ukuthi ngibushumayela kanjani ubungcwele, futhi bonke abesifazane babo, eduzane impela, endlini begcobe izinzipho, nabesilisa babo begunde izinwele eziyisicaba phezulu, naphansi. . . Futhi kwathi nje uSonto sikole usuphelile, ngamunye ephuma kulesosakhiwo, futhi asuke lapho, bazi ukuthi babenokuhlinzwa kwesikhumba okuzayo, ngakho nje abazange bahlale, yilokho kuphela, babengeke bahlale futhi bakuthathe. Lokho akusizanga-muntu, ngoba bazodingeka

bahlangane nakho ngoSuku lokwaHlulelwa. Ungahle nje ubhekane nakho khona manje, futhi uqede ngakho lapho kukhona umusa. Kodwa lapho, yilapho iPhentekoste. . .

¹⁵⁹ Kuyini na? Izingwazi ezindala ezazivame ukukhuleka ubusuku bonke, izingwazi ezindala ezazinsindiso yangempela, yangempela, yangoqobo, zangena ePhentekoste, zinoMoya oNgwele, zaletsa abantwana bazo zase zibafaka emagameni abancinyana ezansi lapho, futhi into yokuqala niyazi, sinabazukulu ePhentekoste. Kodwa uNkulunkulu akanabo abazukulu, bonke ba, bonke, bazalwa eMbusweni waKhe amadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Amen. Amadodana namadodakazi, hhayi abazukulu, uNkulunkulu akanabo, bonke bangamadodana namadodakazi.

¹⁶⁰ Yingakho, namhlanje, uMlayezo uphuphuthekisa abantu kakhulu kangaka yingoba abakujwayele ukubona okungaphezu kwemvelo, sidinga amandla kaNkulunkulu, sidinga ukubuyela ePhentekoste langempela. Njengoba uBilly Graham eshilo maduze nje, “Awukwazi ukungalinaki ibandla lePentecostal, ngoba liyibandla elikhula ngokushesha kunawo onke ezweni namhlanje.”

¹⁶¹ *ISunday Visitor* yebandla eliKatolika yasho ngonyaka odlule ukuthi ibandla lePentecostal labhalisa isigidi esisodwa, abaphendukile abayizinkulungwane ezingamakhulu amahlanu ngonyaka owodwa, lapho ibandla eliKatolika, qobo lwalo, lingazange libhalise ingxenye engako.

¹⁶² Ungeke wakuziba nabo bonke abefundisi abakhulu ezweni lonke, ibandla lePentecostal lisalokhu lithatha imigqa engaphambili. Kungani na? Awukwazi ukukumisa. Kunjalo. UNkulunkulu wakumisa, futhi alisekho. Kodwa lapho lifika endaweni, lihamba liyongenisa abazukulu, libathatha babe ngabantwana, futhi lithatha izinto zezwe, uNkulunkulu uzoqhubeka aphume ngqo, kuyobakhona elinye iqembu elikuthathayo, futhi liqhubeke ngqo. Kunjalo. Ngakho buyela emgqeni odubulayo, mfowethu. Hlala ngaphansi kogcobo, ungavumeli lutho lukukhathaze.

¹⁶³ Manje, emuva kulezozibonakaliso, namhlanje, lapho siphila osukwini lokugcina, lapho sibona ukuthi ukumbozwa kwesivivane, itshe elenqatshwa esivivaneni, abazange bathole ukuthi kungani i—itshe legumbi lenqatshwa ethempelini. Kodwa abakwazi ukuthola itshe eliyokufanela. Kodwa manje, lapho eqala ukunqwabela phezulu, ngalinye lalawomatshe livela kuLuther, iMethodisti, iPhentekoste, khona-ke iBandla lizofanele lingene endaweni enjalo kuze kuthi lapho kufika itshe eliyiNhloko yangempela, Liyolingana kahle ijoyinti ngejoyinti naLo, njengoba ngishilo izolo ebusuku esivumelwaneni.

¹⁶⁴ IBandla lizofanele libe noMoya kaNkulunkulu kuLo kakhulu kakhulu, kuze kuthi lowoMoya uzobe wenza imisebenzi

efanayo uJesu Kristu ayenza lapha emhlabeni, uMoya oNgcwele unokulawula okuphelele phambi kwalowowesifazane, iBandla, lingake lihlangane noMyeni waKhe, uMlobokazi.

¹⁶⁵ Abazukulu abasoze bakubona lokho, bavele bathi nje, “NgiyiPentecostal, yilokho kuphela,” baqhubeke. IPhentekoste ayisiyo inhlango, iPhentekoste yisehlakalo noma ubani angaba naso, eLibizelwe ngaphandle, iBandla, iQembu elikhethiwe, elincane.

¹⁶⁶ Bukani ezinsukwini zaseSodoma njengoba sishumayeke kuleliviki, kwakukhona abashumayeli abakhulu abangena eSodoma futhi baqala ukushumayela, bashumayela uMlayezo ezansi lapho. Kodwa Oyedwa wahlala emuva futhi wenza izibonakaliso kuleliBandla elincanyanya ngesibalo. Bhekisisani izibonakaliso Azenzile, noJesu washo ukuthi into efanayo iyophinda kwabeZizwe ngalolusuku lokugcina, futhi nakhu.

¹⁶⁷ Manje qaphelani, sekuba leyithi, o, kwase kuthi akube mnyama, futhi babekhuluma, futhi baqhubeka, bathi, “Kungcono sigwedle, bazalwane.”

¹⁶⁸ Futhi kwenzeka ukuthi uSathane abuke phansi phezulu kwesinye isitaki sentuthu, futhi kwenzeka wabheka, futhi wathola ukuthi abafundi babehambile ngaphandle kukaJesu, wathi, “Nanti ithuba lami.”

¹⁶⁹ Mfowethu, yonke inqwaba yalokho izoqhathaniswa nenamhlanje, ibandla lizama ukuqhubeka ngaphandle kukaJesu. Sibe nehora lempumelelo lapho amadoda enza amaholo amakhulu, inyunyana, nokunye nokunye kanjalo, benza imali enkulu, abantu abampofu banakho. Kungene phakathi kwabantu bePentecostal, kuze kube khona osozigidi, nayo yonke into ePhentekoste, okungukuthi kulungile. Thina...Kungokwa...Akusikho kakhulu kangako njengokwehla nokuphuma, kungukukhuphuka nokuphuma, futhi, uNkulunkulu ungowabo bonke, ocebile noma ompofu, wonke umuntu. Kuzoba khona nje osopeni abaningi, esihogweni njengoba kuzoba nosozigidi.

¹⁷⁰ Yisimo sakho sokuziphatha ngakulokho uNkulunkulu akunika khona. Uyavuma ukusebenzisa imali yakho wenzele uMbuso kaNkulunkulu na? Uma kunjalo, uNkulunkulu uzokubusisa, noma ngabe ngupeni, noma ngabe kunjengoba intombazanyana engiphe yona izolo ebusuku, noma—noma omunye usozigidigidi omkhulu onothe ngezigididi eziningi zamadola, ngokufanayo nje kuNkulunkulu.

¹⁷¹ Manje, sibe nesikhathi sempumelelo, sibe nezakhiwo ezinkulu, futhi sakha amasonto amakhulu nezihlalo zikanokusho ezinhle, wakha izikole ezinkulu, kanjalonjalo, ngize ngesaba ukuthi siyahamba ngaphandle kukaJesu, udeveli uyakubona lokho.

172 Futhi wababona ngaphandle kukaJesu, ngakho uqala ukuphephetha umoya wakhe, “*Whewu!*” enyusa umoya, wathi, “Manje sekuyisikhathi sokubasusa, baphandle lapho bebodwa, akanabo, ngakho nje sizo . . . Ngizovele nje ngiphephethe umoya wami phezu kwabo, futhi lokho kuzokwenza umsebenzi. Sizobacwilisa khona lapho olwandle, futhi sizoqeda ngabo.”

173 Futhi ngenkathi eqala ukuphephetha umoya wakhe owuphoyizeni, umkhumbi uqala ukushukuma ngapha nangapha, izigwedlo zaphuka, oseyli bawa, nomkhumbi omncane wawusugcwala amanzi. Onke amathemba ayengake asindiswe lalingasekho.

174 Futhi sekucishe impela kube ngaleyondlela manje, bangane. Bukani lapha, bukani edolobheni namhlanje, bukani izimvuselelo, bukani izindawo, yonke into, sinemali eningi kakhulu, sifanele sithathe izigidi zamadola nezinkulungwane zamadola ngeviki, futhi sifanele senze konke *lokhu, lokho, nokunye*, nalolu hlobo lohlelo, *nalokho*.

175 Sikuhlele kakhulu, kuze kungabibikho isikhathi somhlangano womkhuleko, intshumayelo yemizuzu engamashumi amabili, noma *enye into ethize*, sekuze kwafika endaweni, kuze kungene abafana abaningi abayizifundiswa ezifundile, kuze kube lapha esikhathini esingeside esedlule, ngangena e—ebandleni elikhulu lePentecostal ukubacela uma ngingaboleka izihlalo ukuba zingene ehholo lami elikhulu lapho ebengikhona, nomelusi wathi, “Bengingeke ngivumele-muntu ukuba ahlale ezihlalweni zami okholelwa ngisho nasekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu.” Yiqiniso lelo, eHot Springs, e-Arkansas.

176 Manje, bese kuthi-ke, kanjalo sekufike endaweni, namaningi amabandla amakhulu azama ukucisha into, ethi sigcizelela kakhulu ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, kulezi ezinye izinto, futhi nje sikuyisa enkambisweni. Kuyini na? Nithola abazukulu kuyo, nithola izifundiswa kuyo, esikhundleni samadoda asindisiwe nguNkulunkulu.

177 Yonke indoda eza emsamo izofanele ibe ngenhle, encane, i*Hollywood* ezininzi ezisongene. Sinobuningi kakhulu ubuvangeli beHollywood namhlanje, abashumayeli phandle emsamo, namakhosikazi awo ehla enyuka lapho sengathi athululelwe esiketini, enamagugu kuzo zonke izandla zawo, ne-nokokugcobisa umlomo, nezinwele ezimfishane. Ngani, kuyihlazo ezweni! Futhi sikubize ngePhentekoste. Kungahle kube yiPhentekoste ngehlelo, akusilo iPhentekoste ngesehlakalo. Kunjalo. Sidinga eliyifeshini endala, uMoya oNgcwele, iPhentekoste futhi.

178 Udeveli usibonile sichezukela ezakhiweni ezinkulu, nezinhlangano ezinkulu, nokukhulu *lokhu, nokukhulu lokho*, futhi kushiya uJesu ngaphandle kwakho. Nodeveli useqale

ukuphefumula umoya wakhe owuphoyizeni ethi, “Awu, siyakhwela manje. Senza kangcono manje, futhi sinesigejane esingcono sabashumayeli, izihlakaniphi, amadoda agqoke kahle, zonke lezizinto ezehlukene.”

¹⁷⁹ Ngiyakuthanda...Nokucula? Ngaya endaweni lapha maduze nje lapho ababenekhwaya eyayizocula khona ngaphambi nje kokuba ngikhulekele abagulayo futhi ngishumaye. Naleli elikhulu, ikhwaya yePentecostal, limi emuva lapho, nendoda yayizothatha umnikelo, futhi uma bengakuthukanga, bahlekisa ngakho, bexoxa amahlanya, bengcolisa phansi naphezulu, omunye nomunye. Isigejane sabesifazane abagcobe umlomo neruji, nalawomashiya onke abukeka into ethize efana nodeveli, bonke bahluthula ngaphandle komuqu omncane omeshayo ebusweni babo, nezinto ezinjalo, bemi lapho.

¹⁸⁰ O, ukuba babegangiphoselanga ngaphandle! Ngehla ngenyuka kwiphansi lendlu ngithi, “Nkulunkulu ngibambe, gcina nje umlomo wami uvaliwe, ngiyacela ngize ngidlule kulomhlangano.” Ngacabanga ukuthi ngiyophumela lapho, futhi ngithi, “Awufanele ukucula ekhwayeni yoMbuso kaNkulunkulu!”

¹⁸¹ Nezingubo ezinde, lokho kulungile, izingubo zilungile, lokho kulungile, kodwa kwakungesikho lokho, kodwa yilowomoya ngaphansi kwalapho. Bama phandle lapho futhi bazama ukucula uhlobo oluthile lwe...ngi... .

¹⁸² Uma noma yini, engiyithandayo okuhle, okuyifeshini endala, ukucula kwePentecostal, lapho uma umuntu engenalo ngisho iphimbo lokubiza izingulube, uzolisebenzisela inkazimulo kaNkulunkulu futhi acule eMoyeni. Ngiyalizonda iphimbo eliqeqeshwe ngokweqile elibamba phezulu lapho uhlobo oluthile lwenothi baze baphenduke babeluhlaza okwesibhakabhaka ebusweni, “Aaa!” Abazi ngisho nokuthi bathini bona uqobo. Ungangena kanjani ezweni uMoya oNgewele kunoma yini enjengaleyo na? Angikuthandi lokho. Ngiyakuthanda okoqobo, ukucula kukaMoya oNgewele, lapho abacula khona futhi bashaye ihlombe futhi badumise uNkulunkulu.

¹⁸³ Yini indaba na? Udeveli uphetha umoya wakhe owuphoyizeni, wathi, “Ufuna ukuziphatha njengabanye.” [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

¹⁸⁴ UJesu wayengakabashiyi. Niyizwile intshumayelo yami ngewundlu nejuba, ngenkathi ijuba lindiza, ngenkathi lindiza phezu kwempisi, alisilo iwundlu. Manje, uJesu wayengabashiyanga. Wenzani na? Wakhwela intaba ephakeme kunazo zonke eyayikhona, ukuze Akwazi ukubabuka yonke indlela ngaphesheya kolwandlekazi. Futhi ngenkathi Ebona besenkathazweni, Ufika ehamba kubo phezu kolwandle.

¹⁸⁵ Akasishiyanga, Uyakufakazisa manje, Akasishiyanga. Akazange akhwele intaba ephakeme kunazo zonke, Wakhwela eKalvari, waqhubeka nokukhwela waze Wangena eBukhoni bukaNkulunkulu esiHlalweni sobukhosi eNkazimulweni. Wakhwela phezulu kakhulu, Wayekwazi ukubona umhlaba nezulu esesiHlalweni saKhe sobukhosi esikhulu. “Iso laKhe liphezu komzwilili, futhi ngiyazi Uyangiqaphela,” Uyakuyaphela. Uqaphela lomhlangano, Ufuna ukubona ukuthi imiphumela izoba yini. Uzofika akhulume, enze izibonakaliso nezimanga, futhi ahambe nenhliziyi ephukile, ngoba abantu bayaMlahla.

¹⁸⁶ Qaphelani, nangu Efika ngehora laphakathi nobusuku, lapho onke amathemba engasekho, izigwedlo zaphuka, umkhumbi wagcwala amanzi, babebambene futhi bememeza. Babonani na? BaMbonile eza, ehamba phezu kolwandle. Futhi ngenkathi benza, iNto kuphela eyayingabasiza, babeYesaba, bathi, “Yisipoki. Kukhona okuhlekisayo ngalokho, kuyisipoki.” Futhi into kuphela eyayingabasiza babecabanga ukuthi kwakuyisipoki.

¹⁸⁷ Futhi kungaleyondlela ngezwe namhlanje. Lapho amabhomu e-athomu eRashiya, nazo zonke izinhlobo zemibibisholo ejikijelwayo nezinto zilenga ezindlini zamabhanoyi, i-UN iyacwila, nazo zonke izizwe ziphambene, futhi konke esikwenzayo ngukuzama ukuthenga inhlanganyelo nobungani. Ungeke wathenga inhlanganyelo nobungani, kufanele kube isiphiwo sikaNkulunkulu ukwenza lokho, impela. Njengomshado owakhiwe entweni enjengaleyo engasoze yabambelela. Lalelani, bangane, ningeke nakwenza lokho.

¹⁸⁸ Futhi ngalelohora elimnyama, iNto kuphela eyayingabasiza ukuba beze kubo, futhi babeYesaba, kunjalo nanamhlanje. Namhlanje uMoya oNgcwele ufika phakathi kwethu, emabandleni ethu, nezwe elingaphandle liyaqalaza, bese lithi, “O, lokho ngukufunda ingqondo. A, a! Lokho—lokho ngukubhula. Lokho yi...” Yona impela Into neNto kuphela engabasiza, bayaYesaba.

¹⁸⁹ NoJesu, endikimbeni yami, wathi, “Ningesabi; Yimina. Ningesabi; YiMina.”

“Wazi kanjani ukuthi nguYe na?”

¹⁹⁰ Ngoba Yenza imisebenzi yaKhe. “Niyakubazi ngesithelo sabo,” ngesithelo sikaMoya, niyabona ukuthi benzani, niyayibona imisebenzi eyenziwa nguJesu. “Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza.”

¹⁹¹ Manje, inkathazo yakho ingukuthi, sithola into eyodwa encane eBhayibhelini. IMethodisti, banokungcweliswa, bahlala nakho ngqo, bebengeke banyakaze ngalutho; uLuther wathola ukulungisiswa; iPentecostal yathola uMoya oNgcwele, ikhulumama ngzilimi, lokho kuthi nje akube yindlela abahamba ngayo.

¹⁹² Manje, khumbulani iBhayibheli ligcwele izithembiso zobuNkulunkulu, abafarisi babenendlela yabo ngakho. Kodwa lapho uJesu efika, Akazange aphikisane nemiBhalo, Ufika ngayo impela indlela imiBhalo eyasho ngayo, kodwa babecabanga ukuthi Wayeza ngenye indlela. Kwakufanele kufike ngendlela ababekucabanga ngayo, leyo yinto efanayo eyenzeka namhlanje.

¹⁹³ Sichezukele ekuthukutheleni kwengane, sibone ukuthi singathola yini okuningi ehlelweni lethu, sisho into embi ngomunye, siyidicilele phansi ukwakha eyethu, iproselite, futhi, “Esinye isigidi ngo ’44,” njengoba iBaptisti yasho ngalowonyaka. Futhi nakho lapho okhona. Utholani, ngaphandle kwabajoyini bebandla na? Ngesikhathi esifanayo babefanele bakhipe ibandla, futhi banikeze imizuzu eyishumi nanhlanu yabo bonke abantu nomelusi ukuba bame egcekeni elingemuva futhi babheme osikilidi ngaphambi kokuba babuye bangene futhi. Ungangitsheli, ngangisebandleni leBaptisti ngqo ngenkathi kwenzeka. Ngakho nakho lapho okhona.

¹⁹⁴ Kusiza ngani lokho na? Esikudingayo namhlanje elihlanzekile, iVangeli lePentecostal namandla kaMoya oNgcwele libuyele ebandleni futhi. IBhayibheli ligcwele izithembiso, mfowethu, kukhona inqwaba yezithembiso phakathi *lapha* zakho.

¹⁹⁵ Njengakamuva nje, kwakukhona o—owesifazane owayeshaywe wubumpofu kakhulu ukuthi i, baphenya isalukazi ukuthola, inhlango enakekela abasweleyo yakwenza, ukubona ukuthi yini ababengamenzela yona. Bayinyelela phezulu lapho base bethi, “Uneminyaka emingaki na?”

Wayesethi, “Nginamashumi ayisishiyagalombili.”

Wathi, “Futhi ushaywe ubumpofu.”

¹⁹⁶ “Yebo.” Wayengenakho ngisho nokudla, ekade engenakudla, wayethengise yonke ifenisha endlini. Futhi waye... Abanye bomakhelwane bakufaka. Wayenokuziqhenya okuncane ngaye, futhi ngakho wayengeke—wayengekulalele, kwase kuthi ekugcineni, ubonile ukuthi wayefanele abe nakho.

Ngakho bamtshela ukuthi... “Awu,” kwasho umseshi kuye, wathi, “nenekazi, unabo abantwana na?”

Wathi, “Yebo, nginendodana.”

Wathi, “Ikuphi na?”

Wathi, “IseNdiya.”

“ENdiya na?”

“Ya.”

Wathi, “Yenzani lapho na?”

Uthi, “Ingusomabhezini.”

“Awu,” wathi, “Kungani ungayivumeli ikusize na?”

197 Wathi, “Uyazi ukuthini? Ingothandeka kakhulu, umfana onomoya omuhle,” wathi, “ungibhalela izincwadi ezinhle kunazo zonke owake wazibona.” Wayesethi-ke, “Kodwa angikwazi nje ukuba nomuzwa wokumcela, yingalesosizathu ngingakwazi ukuncela nonke. Angikwazanga ukucela umfana wami oyigugu, uyasazi isimo sami, futhi uyazi ukuthi ngidinga imali, futhi uma ubenemali, ubeyoyithumela kimi. Ngakho-ke, angikwazi ukuhamba ngincenge indodana yami ukuba yenze lokho.”

Futhi wathi, “Uyabhala,” wathi, “uyakubhalela na?”

198 Wathi, “Ungibhalela okungenani kanye ngenyanga, ngokujwayelekile nje,” wathi, “ngezinye izikhathi kabili.” Futhi wathi, “Ngithola izithombe ezinhle kunazo zonke kuye, njalo ungithumelela izithombe. Futhi ngicabanga ukuthi ziyizinto ezinhle kunazo zonke, ngihlala ngizijabulela kakhulu kakhulu.”

Wathi, “Hlobo luni lwezithombe na?”

Wathi, “O, ngizokukhombisa.”

Wathi, “Unazo na?”

Wathi, “Yebo.”

Wathi, “Zikuphi na?”

Wathi, “ZiseBhayibhelini lami.”

199 Futhi wehlela eBhayibhelini lakhe, futhi uqala ukuzikhipha. Niyazi ukuthi zaziyiini na? Ama-oda emali yaseNdiya. Wayenamashumi ezinkulungwane zamadola kuma-oda emali yaseNdiya engazi ukuthi zaziyiini, ngoba zazigwele izithombe ezinhle, futhi wayecabanga ukuthi kwakuyizithombe nje.

200 Kungaleyondlela namhlanje, bangane, leliBhayibheli elidala nje ligewele amagugu, konke lapho. Kungani ufanele ugule noma ubulawe yindlala na? Kungani ufanele ugodole futhi ungabi nandaba, kanti iBhayibheli ligewele izithembiso zikaNkulunkulu na? Ungesabi, YiNkosi uJesu. Niyakukholwa lokho na?

201 Asikhothamise amakhanda ethu manje. Angifikanga ezansi lapho ebengifuna khona, kodwa sekubaleyithi, futhi ninezinkonzo zakusihlwa. Asikhuleke manje.

202 Baba wethu waseZulwini, ngempela, iBhayibheli ligewele izithembiso, futhi sonke isithembiso singokoqobo, zonke izithembiso singezethu. Wafa ukuze lezizithembiso zigcwaliseke kithi. Abantu mabangesabi lapho bebona leyonto Okhulume ngayo ukuthi iyofezeka, bekubona kwenzeka phakathi kwabo ngqo.

203 Kwangathi bangakusingatha, futhi bathi, “Yebo, Jesu, wamukelekile esikebheni sami esincane, siyanyakaziswa. Udokotela wangitshela ukuthi nganginomdlavuzwa. Udokotela

wangitshela ukuthi nganginesimila. Udokotela wangitshela ukuthi ngangizoba yimpumpethe. Udokotela wangitshela ukuthi ngangineTB, zonke lezizifo. Isikebhe esincane silungela ukucwila njengoba sintweza endleleni yempilo enesizotha.”

²⁰⁴ Manje, mabangesabi, kulentambama, lapho beKubona uza wehla ngemihubhe yaseNkazimulweni, wehla ungena phakathi kwabantu. Kwangathi bangathi, “Yebo, Nkosi, asesabi, kodwa silapha manje sikholwa nguWe.” Futhi kwangathi bangaKwemukela ungene njengoba kwenza abafundi; futhi masinyane isiphapho sanqamuka, futhi babesogwini.

²⁰⁵ UNkulunkulu asiphe, kulentambama, ukuthi abantu abaningi lapha abazo Kubona uhamba phakathi kwabantu namhlanje, njengoba sibakhulekela, kwangathi bangaqonda futhi bakholwe ngazo zonke izinhliziyi zabo, futhi kwangathi Ungangena enhliziyweni yabo, futhi kwangathi bangaKwenzela indawo, futhi baKwemukele esikebheni sabo esincane sokugula noma isono, futhi konke kuzoxazululwa. Siphe khona, Baba.

²⁰⁶ Manje, sisakhothamise amakhanda ethu, ngabe ukhona umuntu phakathi lapha ongamazi uJesu njengoMsindisi wakho na? Ngaphambi kokuba kwenzeke noma yini, ubuyothi, “Ngifuna ukuMemukela njengoMsindisi oqondene nami.” Phakamisa isandla sakho uma ufisa ukuthola uKristu njengoMsindisi oqondene nawe. Ungasiphakamisa isandla sakho na? Ngabe ukhona ngisho oyedwa na? Ngiyakubuza, ungumahluleli, uyawazi umphefumulo wakho.

²⁰⁷ Ngabe ukhona phakathi lapha ongumhlubuki, ubeyofuna ukubuyela kuKristu na? Omunye ufuna ukuPhila okuPhakade ubeyofuna ukuza na? Ipulpiti limi lapha, i-altare livuliwe, futhi sikhona lapha ukubeka izinto zokuqala kuqala: uMbuso kaNkulunkulu. Sikhona lapha ukukhuleka nawe, uNkulunkulu aze angcwele umphefumulo wakho futhi akugcwalise ngoMoya oNgcwele. Uma nje uzophakamisa isandla sakho, futhi uze ngaphambili manje, sizojabula ukukwemukela.

²⁰⁸ Akunandaba ukuthi kushisa kangakanani, uma ungalungisene noNkulunkulu, uzoya endaweni eshisa kakhulu kunalena. Ngakho wena—wena woza manje futhi ulungele ukwemukela iNkosi uJesu. Uma ulapha, sikulindele.

²⁰⁹ Sisalindile umzuzwana nje namakhanda ethu ekhotheme, asihamishe leliculo, amakhanda ethu ekhotheme, wonke umuntu akhuleke, nani nonke maKristu khulekani, kungahle kube khona isoni lapha esinvalo kancane. Manje, ngizothi ukulibala kancanyana, ukuze ngingabi nesibopho ngesimo sabo sokulahleka ngoSuku lokwaHlulelwa. Sisahamisha manje:

“Cishe impela ngakholiseka,” manje ukukholwa;

“Cishe impela ngakholiseka,” ukwemukela uKristu;

Kubonakala manje... “...Moya...indlela yakho;
Ngolunye usuku olukahle kakhulu, ngiyobiza Wena.”

Ngiyacela kanye nje futhi.

... ukuvuna sekudlulile!
“Cishe impela ngakholiseka,” imbubhiso ifika ekugcineni!
“Cishe impela...”; “Cishe impela”
ngukuthi... ukwehluleka!
Kuyadabukisa, kuyadabukisa, lokho okubabayo...

Ngimi ngilindile. UMoya oNgcwele ulindile. Uzoza na?

... “Cishe impela—kodwa ngilahlekile!”

²¹⁰ Baba waseZulwini, uma bekhona labo lapha, Nkosi, mhlawumbe kungahle ukuba bakhohlisiwe, mhlawumbe uSathane ubatshela ukuthi balungele lapho bengakalungeli, “Kukhona indlela ebonakala ilungile kumuntu.” Uma lokho... Ngethemba ukuthi akekho, Baba, kodwa uma ekhona, ngikhulekela ukuthi Uzobancenga, Baba. Ngicela ukuthi bahlale lapha kuleligumbi elishisayo kulentambama ukuba bangilalele ngidlula kulomlayezo, ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzobasindisa. Siphe khona.

²¹¹ Kwangathi okuthize kungenziwa kamuvanyana enkonzweni okuzobabangela ukuba bakholwe, ngokuphulukiswa kwabagulayo noma abahluphekile, noma okuthize. Siphe ukuthi kukhona okungenziwa ukubancenga ukuba beze kuWe. Siyacela, eGameni likaJesu. Amen.

²¹² Manje, ngewashi elikhulu lapho, sekuyimizuzu engamashumi amabili emva kwelesine. Manje, sifuna ukuphuma esikhashaneni esincane nje. Ngithumele indodana yami nabo ngale (Kuphakathi kokuthi, uwakhiphile amakhadi, noma uBilly? Billy na?), kulungile, ukunikeza amakhadi omkhuleko. Yiliphi olinikezile na? U-E? U-D? U-D, elokuqala kuya ekhulwini na? Kulungile. U-D, elokuqala kuya ekhulwini, sitshele bonke abantu izolo ebusuku, bonke abafuna ukukhulekelwa...

²¹³ Manje, kulomugqa, kulomugqa, sizokhulekela abantu ngendlela u—uMoya oNgcwele angiphe ngayo ukuba ngikhulekele abantu.

²¹⁴ Manje, elokuqala, ubani onekhadi lomkhuleko lokuqala na? Ungasiphakamisa isandla sakho na? Lelonenekazi belingeza lime khona lapha na? Liseza, elesibili, ubuyokwenza na? Elesibili, ikhadi lomkhuleko D, elesibili. Kulungile, nenekazi. Elesithathu, ubungasiphakamisa isandla sakho na? Elesithathu. Niyabo, abanye babo sizodingeka sibathwale. Kulungile,

elesithathu. Elesine. Elesine ubungasiphakamisa isandla sakho na? D, ikhadi lomkhuleko D, njengakuDuncan. Niyabo? D, elesine. Kulungile, woza, nenekazi.

²¹⁵ Elesihlanu, elesihlanu. Ngokushesha, elesihlanu. Awusenalo ikhadi lomkhuleko futhi, unalo nenekazi na? Ngabe omunye wenu nonke unalo ikhadi lomkhuleko lapho na? Inenekazi e—esihlalweni, unalo ikhadi lomkhuleko na? Kulungile. Manje, elesihlanu, isithupha, isikhombisa, isishiyagalombili, isishiyagalolunye, ishumi. Ngi—ngi. . .

²¹⁶ Lona ngumhlangano kuphela engake ngaba kuwo empilweni yami, nokho, ukuthi angikwazanga ukuthola abantu abanekhadi lomkhuleko ukuba benyuke futhi bakhulekelwe. Inombolo. . . Ngokuvamisile, bayadabulana, kodwa, ngandlela thize, aku. . . akusebenzanga lapha. Sibe nalokho. . . Bangaki okwaziyo lokho na? Sibe nakho ubusuku ngobusuku, siyababiza, abezanga ngisho.

²¹⁷ Kulungile. D, isihlanu, isithupha, isikhombisa, isishiyagalombili, isishiyagalolunye, ishumi, mabeze. Ishumi, ishumi nanye, ishumi nambili, ishumi nantathu, ishumi nane, ishumi nanhlanu, mabeze. Ngithole oyedwa, ababili, kulokho. Ishumi nanhlanu, ishumi nesithupha, ishumi nesikhombisa, ishumi nesishiyagalombili, ishumi nesishiyagalolunye, amashumi amabili. Omunye uthola amakhadi bese eshiya isakhiwo, niyabo, asuke ahambe, futhi yilokho okukwenzayo.

²¹⁸ Amashumi amabili-nanye, amashumi amabili-nambili, amashumi amabili-nantathu, amashumi amabili-nane, amashumi amabili-nanhlanu. Amashumi amabili-nesithupha, amashumi amabili-nesikhombisa, amashumi amabili-nesishiyagalombili, amashumi amabili-nesishiyagalolunye, amashumi amathathu. Amashumi amathathu nanye, amashumi amathathu nambili, amashumi amathathu-nantathu, amashumi amathathu-nane, amashumi amathathu-nanhlanu.

²¹⁹ Manje, niyabo, abantu uthola amakhadi futhi bahambe. Ninga. . . Abafanele bakwenze lokho. Uma uthola ikhadi, ufanele uhlale nje, ufanele uhlale e—esakhiweni. Amashumi amathathu-nanhlanu, amashumi amathathu-nesithupha, amashumi amathathu-nesikhombisa, amashumi amathathu-nesishiyagalombili, amashumi amathathu-nesishiyagalolunye, amashumi amane. Lokho kuhle, manje sifika ndawondawo. Amashumi amane, amashumi amane kuya emashumini amahlanu, mabasukume. Bonke abanekhadi lomkhuleko uD, yimani ngapha. Ngicabanga ukuthi yilokho kuphela okukhishiwe.

²²⁰ Ngabe abekhona amanye amakhadi aphumile, Billy, ngaphandle kuka D na? Gene? Gene? Nje u D, u D nje. Kulungile. Wonke umuntu akahloniphe ngokuzithoba ngempela khona-ke. Manje, ikhadi lomkhuleko elingunombolo D, sukuma,

lawo amakhadi omkhuleko. Kulungile, wonke lowo onekhadi lomkhuleko u D, ngisho kuze kufike ekhulwini, sukuma.

221 Ngabe ukhona noma ubani phakathi lapha ogulayo ongenalo ikhadi lomkhuleko, ongena sekwedlule isikhathi ukuba athole elilodwa na? Phakamisa isandla sakho. Ababili noma abathathu, abane, abahlanu, abayisithupha, abayisikhombisa. Kulungile, umzuzwana nje. Sithola laba bakhulekelwe kuqala, bese-ke u . . . khona-ke sizo—sizobona uma singabangenisa lapho, futhi.

222 Kulungile. Manje, kukhona okufanele kwenzeke manje, akunjalo na? Manje, bangaki okholwayo manje, selokhu nginitshele izinkonzo ezehlukene, ukuthi lesisigaba sokugcina senkonzo sizoba sikhulu kunayo yonke enye na? Impela, kuzoba njalo. Lizoshiywa phezu kwabantu, kodwa liyoba ngokuyikho ngqo, ngalendlela uMoya oNgcwele ungembula futhi usho izinto ezehlukene; kodwa ngeke kuphulukise, ngeke kuphulukise.

223 Bayeke bahlehle kancane laphaya, bafana. Ningabavumeli bame e . . . baphume baye elangeni, badelele nje—bayeke bame khona lapho, ukuze bakwazi ukungena ngqo emgqeni womkhuleko, bangene ngqo. Kulungile.

224 Nike nazibuza ukuthi kungani lapho nje sibadlulisa emgqeni, sibakhulekele, sinikeza ikhadi lomkhuleko na? Bangaki abebengathanda ukwazi ukuthi kungani na? Ubungathanda na? Bavimbele ekubuyeni emgqeni futhi. Ba—bazobuyela emuva ngqo. Ngibone—ngibone abantu behamba, beza ngomugqa kahlanu, belokhu behamba nje bezungeza, bezungeza, bezungeza. Futhi njalo lapho uhamba, kukwenza ube buthakathaka kakhulu kangako, kakhulu kangako futhi, kakhulu kangako futhi.

225 Banike ikhadi lomkhuleko nje, ngakho-ke, lapho beza emsamo, bafanele babambe ikhadi labo lomkhuleko ngesandla sabo, omunye uthatha ikhadi lomkhuleko, futhi nje abedlulise ngomugqa. Niyabo? Futhi lokho kungukubavimba bangaphindi babuye. Kungokuhle kubantu. Niyabo? Ba . . .

226 Niyabo, ufanele ukhumbule, ukuthi kumuntu, akukho lutho olungakusiza. Bangaki okwaziyo lokho na? Akukho lutho kumuntu. Sinamadoda amakhulu ezweni namhlanje, sinoMfowethu Roberts, uMfowethu Tommy Osborn, uMfowethu Freeman, uMfowethu Allen, amadoda amakhulu eVangeli, kodwa nokho, akukho neyodwa into kunoma yiyiphi yalawomadoda engakuphulukisa. Uma noma ubani esho lokho, uphumile ngempela emgqeni womBhalo, ngokuba “uJesu walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo *yaKhe*, siphulukisiwe thina.” Bangaki abakukholwayo lokho na?

227 Yingalesosizathu ngehluka kumfowethu esikhathini esingeside esedlule. Futhi nonke ninakho phandle lapha, kulelizwe kwawela, ukuthi “Mfowethu Branham othandekayo.” Lokho kwenzeka ukuba kungabi ngumuntu othe bakubhala,

kwakungomunye umuntu. Kwakubukeka sengathi lowomuntu ubeyokwazi ukuthi ngangiyokwazi lokho. Ngiyazi ukuthi ubani owabhala incwadi, ngakwazi ngaphambi kokuba ibhalwe ukuthi yayizobhalwa. Manje, uNkulunkulu uyakwazi lokho. Ngazi ukuthi yayizobhalwa.

²²⁸ Mayelana negazi esandleni lingubufakazi obubonakalayo bukaMoya oNgcwele, ethatha owesifazane othile waseNdiya futhi amlethe...Ungu*Madonna*; sinoyedwa ekhaya, uyiKatolika, isifebe, ohlal'etshwaleni, njalo ezinsukwini ezingamashumi amabili-nesishiyagalombili, unegazi ezandleni, unegazi ezinyaweni, unegazi esiphongweni.

²²⁹ Lomfo wathi kimi, lomshumayeli omkhulu, wathi, “Kodwa Mfowethu Branham, njalo lapho uMoya oNgcwele ufika phezu kowesifazane, kungani lokhu kwenzeka.”

²³⁰ Ngathi, “Yebo, njalo uma *lona* wesifazane exhuxhuma, kuyakwenza, futhi.”

²³¹ Uma lelogazi lizosindisa abantu, kwenzekani eGazini likaJesu na? Kususiwe. Ngumphikukristu. Ayikho into enjalo. Ugenzi into enjengaleyo, lowo ngumphikukristu. Manje, lokho abantu abakholelwa emizweni emincane, mabaqhubeke futhi bakukholwe, kodwa noma nini lapho ufika, ususa, noma, uletha umoya womphikukristu ebandleni lePentecostal, kungumsebenzi wami ukusukuma ngimelane nakho. Kunjalo. Hhayi ngokumelana nomuntu, kodwa ngokumelana nomoya owungenisayo lapho. Kunjalo.

²³² Abesifazane, njenga, amafutha ehla emhlane wabo, bewafaka entweni encane, futhi bewathumela kubantu ukuba bathole ukuphulukiswa. Ngani, uma amafutha ezophulukisa abantu, kuthiwani ngeGazi likaJesu eli...? Ini...? Lokho kususiwe kuYe. Lalingakwenza kanjani igazi elingcolile le—lento yezinsuku ezingamashumi amabili-nesishiyagalombili nowesifazane like lisindise imiphefumulo, ngenkathi iGazi likaJesu Kristu eliligugu, iNdodana kaNkulunkulu, ezelwe yintombi, lachithwa eKalvari na? Ngifanele nje ngimelene nalokho, mina, kukhona okuthize nje ngakho, ngifanele nje ngikwenze, niyabo. Akulungile! Akulungile!

²³³ Manje, uma ufuna ukuthi, “NginoMoya oNgcwele emi ekhanda lami.”

²³⁴ Amen, qhubeka, angikhathali ukuthi unani.

²³⁵ Wena uthi, “NginaWo ngibona ukukhanya okukhulu.”

²³⁶ Qhubeka futhi ubone ukukhanya okukhulu. Amen. Uma uphila impilo, ngikholwa ukuthi unakho.

²³⁷ Wena uthi, “Nginakho kukhuluma ngezilimi.”

²³⁸ Amen. Uma uphila impilo, ngikholwa ukuthi unakho; uma ungayiphili impilo, awukutholanga, yilokho kuphela. Niyabo?

239 Ufanele ube nalokho kuPhila emva kwalapho, “Ngesithelo sabo, niyakubazi.” Kunjalo. Ngiyakholelwa ekukhulumeni ngezilimi, ngiyakholelwa ekumemezeni, ngiyakholelwa kuzo zonke izehlakalo zePentecostal, yebo, kodwa uma kungaka... uma lokho kungaboshiwe ndawonye ngothando, akusoze kwasebenza. Uthando yilokho okukuqedayo.

240 Ngenkathi leyonkunzi yayizongibulala ngalolosuku, yagijimela kimi ngqo...Lapho loluhlanya...O, kunezinto eziningi kakhulu. Uma ku...Angiyithukuthelanga leyondoda, ngacabanga, “Umfo bandla! Akafuni ukungilimaza, lowo ngudeveli kulowomuntu.” Bangaki owayekhona ngenkathi lokho kwenzeka na? Futhi ngathi...Impela. Ngathi, “Kukhona...” Angimdelelanga. Ngathi...

Wathi, “Kulobubusuku ngizokushaya ngikukhiphe phakathi kwalezozethameli.”

241 Wayengakwenza, naye. Wayecishe abe ngamaphawondi angamakhulu amabili noma amathathu, athi akabe mude *kangako*, futhi ngangisinda ikhulu namashumi amabili-nesishiyagalombili, wayengakwazi ngokomzimba. Ngangingafuni...nje angizange ngisho lutho, linda. Ake nje uMoya oNgcwele akusho. Wayesesho-ke ayezokwenza.

242 Kwase kuthi-ke uMoya oNgcwele waphendula, “Ngoba uphosele inselelo uMoya kaNkulunkulu, kulobubusuku uzowela ezinyaweni zami.”

Wathi, “Ngizokukhombisa ukuthi izinyawo zikabani engizowela phezu kwazo,” wafingqa leyongalo enkulu.

Ngathi, “Phuma kuye, Sathane.”

243 Namehlo akhe eqhunsukile le, wavuvuka *kanjalo*, futhi wawa phansi, futhi waqhasela izinyawo zami kwiphansi.

244 Kwaya ekukhombiseni ukuthi uNkulunkulu kaDavide usaphila. Impela. Angamngoba uGoliyati kunoma yiziphi izinkundla Ahlangana naye kuzo. Kodwa kungecono ungazami ukuzenzela wena, kungecono uvumele uMoya oNgcwele akusho, ngoba niyabo, yonke inkonzo yaleminyaka isebenzile kuze kuyofika kulenkonzole entsha manje, uyibuyisela emuva, “Uma ukholwa. Ngingakwenza uma uzokholwa.” Niyabo? O, kuzomangalisa, ngiqinisekile nje, kulungile, uma ungakholwa.

245 Manje, bangaki osesakhiweni ongakaze enze... owayesemihlanganweni yami ngaphambili na? Ake sibone izandla zenu. Noma ubani na? Awu, he, kuneqembu labo. Akaze abone owodwa wemihlangano na? Kulungile. Wonke lowo osesakhiweni owaziyo ngenkathi ngiqala ukuqala ukuthi umuntu wabeka izandla zakhe phezu kwami, kwakungukubona okufihlakele, njengokuthi, esandleni sami, izandla sami sasivuvukala, nezinto ezincane ezimhlophe zigijime phezu

kwaso, ubuyokwazi ukubatshela ukuthi yini ebingalungile, phakamisa isandla sakho. Kulungile.

²⁴⁶ Ngase nginitshela ukuthi iNgelosi eyakhuluma kimi yathi kuyofezeka, uma ngibaqotho, ngiyokwazi yona impela imfihlo yenhliziyo yabo, njengoba uMose wanikwa iziphiwo ezimbili ukuqinisa inkonzo yakhe ukukhipha abantwana bakwa-Israyeli baphume ebugqilini, ukuthi lokhu kuyoba yizibonakaliso ezimbili enginikezwe zona. Ngaleso sikhathi angikwazanga ukusho, ngangingazi. Kwase kuthi-ke, kamuva, kwenzekani na? Manje, bangaki abake bakubona kufezeka ngaleyonkathi, ukuthi Wazi yona impela imfihlo yenhliziyo yabo na? Kulungile, nakho lapho okhona. Lezo-lezozinkonzo zisaphila nanamhlanje. Ya.

²⁴⁷ Kodwa manje, olandelayo uyangena, “Khuluma futhi kuyoba njalo.” Kodwa angikwazi ukukhuluma kuze kushaye ugobobo kimi, nodwa lungelungeke lwangishaya abantu baze balukholwe. Niyabo? Lokho nje kubuyele emathangeni abantu futhi.

²⁴⁸ Lapha, lelinenekazi lapha, yilo leli, yilona isiguli na? Nenekazi, ngiyisihambi kuwe. Asazani. Ngabe kunjalo na?

²⁴⁹ Manje hlonipha ngokuzithoba nje imizuzu embalwa, hlonipha ngokuzithoba. Manje, nangu owesifazane esingakaze sihlangani naye ngaphambilini empilweni, futhi angimazi, naye akangazi. UNkulunkulu uyazi, ngokwazi kwami, angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami. Cishe ungibonile ezethamelini, kodwa a—angazi.

²⁵⁰ Manje, ake sibone uma inkonzo yokuqala... Manje, uma enanoma yiluphi uhlobo lokuhlupheka ngaphandle kwembewana... Manje niyabo, uma kuyisifo segciwane, lowo ngu—ngumoya wokufa. Bangaki okwaziyo lokho na? Yini umdlavuza na? *Umdlavuza* uvela egameni lesiGriki *inkalankala*, okusho ukuthi, “imilenze eminingi.” Futhi yingqamuzana elincane elingena kuwe, futhi liqala ukwandisa amangqamuzana, futhi kwakha into enkulukazi phakathi lapho, kumunca igazi lakho kuwe, kukubulale, uyakwazi lokho, kukufaka uphoyizeni.

²⁵¹ Manje, uyingqamuzana elincane nje, nawe, uqalile, uvela kuyihlo, nomama waveza iqanda, nengqamuzana legazi elincane lahuquzela phakathi lapho, futhi liqala ukukhula, futhi lakwenza waba yilokho oyikho; inja, inyani, yonke into ngenhlobo yayo. Kodwa lokhu akunasimo, ngudeveli. UJesu wakubiza... “Lapho umoya oysisithulu noyisimungulu uphuma kumuntu, wayesekwazi ukukhuluma futhi ezwe.” “NgeGama laMi bayakukhipha amademoni.”

²⁵² Manje, uma owesifazane ekhubazekile, noma *enye into ethize* efana nesifo sikashukela, leyo yinto yekhemikhali...

Kodwa uma kuyi—uma kuyisifo segciwane, ngizo . . .kuyosho esandleni sami.

²⁵³ Manje, woza lapha, nenekazi. Manje, uyazi . . .uyazi ukuthi yini engalungile kuwe na? Ungangitsheli, kodwa uyazi na? Awazi ukuthi yini engalungile. Kulungile. Manje, beka isandla sakho kwesami lapha, siqamule *ngapha*, dade. Kunjalo. Yebo, mnumzane, unesifo segciwane. Ubungahamba ngalendlela ukuze ngibone na? Yebo, mnumzane.

²⁵⁴ Manje, ngifuna izethameli zikubone lokhu. Ngifuna nibuke isandla sami, kubukeka nje njengesandla somuntu ojwayelekile, akunjalo na? Manje, bhekisisani lona wesifazane lapho ebeka isandla sakhe sokunxele, noma, isandla sakhe sokudla, ngakwesokunxele sami. Jika *ngapha*, dade, ngakho nje kulele esandleni sami. Manje, kubukeni. Niyakubona kukhukhumala phezulu lapho na? Niyazibona lezozinto ezincane ezimhlophe zigijima phezu kwaso na? Lokho kuhamba ngalendlela, “*Vuthwi, vuthwi, vuthwi!*”

²⁵⁵ Manje bhekisisani lapha. Mbhekisiseni ethatha *lesisandla*. Beka *lesisandla* kuso. Akusiguquli nakancane, sihlala sifana nje. Manje susa *lesisandla*. Manje beka *lesisandla*. Nakho-ke, ukuvuvuka futhi kuqala. Kunjalo na? Uyakubuka ngqo. Sewake wakubona lokho ngaphambili na? Qhabo, awukaze ukubone.

²⁵⁶ Manje, manje nakhu ukuthi ngithola kanjani ukuthi yini engalungile. Manje, beka isandla sakho nje lapha, umzuzu nje. Yinkathazo yabesifazane, inkathazo yamanenekazi. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Yisifo esithelelanayo endlaleni yabesifazane. Unethumba esibeletweni. Kunjalo impela. Unezihlungu, ziphakeme. Manje, naye unenkinga yokukhipha uketshezi. Manje, lokho . . .Manje, nenekazi, manje, angikwazi ukukususa. Uyabo? Kodwa ngoMoya kaNkulunkulu, ngingenza umoya usuke lapho, futhi ungakubhekisisa. Manje, ngifuna wena . . .

²⁵⁷ Uzwile yini, uke waba semihlanganweni izikhathi eziningana futhi wangizwa ngishumayela na? Uyakholwa ngesizotha ukuthi engikushoyo ngalokho kuyiqiniso na? Uyayikholwa leyoNsika yoMlilo abanesithombe sayo, uyakholwa ukuthi leyo yiNgelosi yeNkosi ngayo yonke inhliziyi yakho na?

Kulungile, manje, hloniphani ngokuzithoba ngempela, manje bhekisisani.

²⁵⁸ Ngifuna ni . . .Ngizobeka isandla sami lapha uma ufuna, niyabo, akusiyo indlela engibamba ngayo isandla sami, niyabo. Noma iyiphi indlela okuhamba ngayo, kuyafana, akunjalo na? Yebo, inenekazi libuka ngqo . . .Ningakubona ezethamelini na? Niyabo?

²⁵⁹ Manje bhekisisani, susa isandla sakho nje, bhekisisa. Niyabo, nakho kubuyela emuva ngokwejwayelekile. Manje

thatha *lesisandla* bese usibeka lapha. Ungumuntu nje kwesinye isandla njengoba unjalo kwesinye. Manje ngibeka isandla sami, akushintshi nakancane. Manje beka isandla sakho *lapho* kulokho. Nakho futhi. Uyabo? Uyabo?

²⁶⁰ Manje, lokho kukhombisa ngokusobala ukuthi kukhona okukulowo wesifazane okungalungile. Manje, ugcobo lukaMoya oNgcwele luphezu kwami, okungukuphila. UngumKristu, ngoba umoya wakhe uzwakala wemukelekile, niyabo, ngiyazi ukuthi ungumKristu. Kodwa kukhona okuthize phakathi lapho okuzama ukuthatha impilo yakhe, lowo ngudeveli. Manje, akumangalisi lokho na? Bese kuthi-ke, ngingenzi lutho nje ngami, ngikudedele nje kwenzeke. Kubuyela emuva . . .

²⁶¹ Manje bhekisisani lapha manje, ukuze nizothola umbono omuhle. Manje, ngifuna wena, qobo lwakho, ubhekisise isandla. Manje, uma kuphuma, kulungile. Uma kungakwenzi, kusobala ngi—ngingeke . . . Manje, uma uzokholwa manje, uyabo, yilokho engikucela khona, uzokholwa uma kuhamba, ukuthi kuzoqhela. Uyo—uyogcina ukukholwa phezulu lapho, futhi ugcine . . . “Nxa umoya ongcilileyo usuphumile kumuntu, uhamba ezindaweni ezingenamanzi.” Ngabe kunjalo na? “Uyabuya futhi . . .”

²⁶² Uthi kukhona okwenzekile. Billy, ngisanda kuthola ukuthi yini . . . Leo, ngisanda kuthola iwashi lami nje. Ng . . . Leli iwashi lamadola angamakhulu amathathu abanginika lona ngale eSwitzerland. Futhi lona, uLoyce, niyazi, noBecky, niyazi, alisigcinanga isikhathi sezinsuku ezine noma ezinhlanu ezedlule, kade ligijima lidlebeleka. Ngilizwile nje lima ngaleso sikhathi futhi. Ukungqangqazela kwaleyonto . . . Bangaki okhumbulayo ekuqaleni ukuthi kwakuyoma kanjani na? Bangaki okhumbulayo ukuthi bekuyomisa iwashi lami na? Nakho khona manje, limile futhi. Yilokho olikwenzayo. Niyabo, isandla sesibili sife ngokuphelele. Kwenzekile nje ngacabanga, yilokho okukwenzile. Nakho futhi.

²⁶³ Manje, beka isandla sakho *lapha*. Futhi oyedwa ubengeke akholelwe ebungweleni. Kuthiwani ngawo onke amacici, nezinto, khona-ke na? Izinto ezingenasidingo. Kodwa uMoya oNgcwele uyakumisa lokho. Noma ngabe lokho okwaleyongxenywe noma qha, ngazi. Kodwa iwashi ngeke linyakaze, ngeke ngisho lisebenze inqobo nje . . . Futhi leyo yi—yiVulcain Cricket, eyedlula konke iSwiss ayenzayo. Banginika lona linegama lami kulo.

²⁶⁴ Manje, dadewethu . . . Manje, bangaki phakathi lapho, kulezizethameli, okholwa ngesizotha futhi uyazi ukuthi kukhona okwenzekayo lapha na? Uma beningakubona . . . Ngifisa sengathi benginesikhathi sokuba nonke nidlule. Ngabe ukhona noma ubani phezulu emsamo ongakaze akubone na? Nonke nikubonile, ngiqagele. Ukubonile, wena, wena. Ukubonile, Roy na? Woza lapha.

265 URoy ungomunye wabangane bethu abasha. Manje, Mfowethu Roy, buka isandla sami. Kubukeka nje kungokwejwayelekile, ngibeka isandla sami kukho, kubukeka kungokwejwayelekile. Niyabo? Ngibeka isandla sakhe, *lesi* sandla, sibukeka singesejwayelekile. Manje, beka *lesisandla* lapha futhi ubhekisise ukuthi kwenzekani. Nango ehamba. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Niyabona ukuthi kuvuvukala kanjani, nalezozinto ezincane zingishaya na?

266 Manje, lokho ngukufa okukuye, kungqangqazela kumelene nokuphila, nokuphila kukubambile. Manje, yikuphi okunamandla kunakho konke, ukuphila noma ukufa na? Ukuphila. Yikuphi okunamandla kunakho konke, ukukhanya noma okumnyama na? Akunandaba ukuthi ukukhanya kuncane kangakanani, kuzokhanya ebumnyameni. Ngakho-ke, amandla kaNkulunkulu anamandla kakhulu kunamandla okufa, ngoba Ungukuphila. Yikuphi okwakungokokuqala, ukuphila noma ukufa na? Ukuphila. Kuyini ukufa na? Impilo iphendukezelwe. Kuyini—kuyini ukungalungi na? Yini isono na? Ukulunga kuphendukezelwe.

267 Lapha, ungahle ukwazi lokhu, uhlala nomkakho njengonkosikazi. Lokho kungokomthetho, lokho kuhle, lokho kulungile, kungcwele, umbhede awungcolisiwe; isenzo esifanayo nomunye wesifazane, ubheke esihogweni. Kuyini na? Ukulunga kuphendukezelwe. Niyabo?

268 Manje, kuyafana njengalokhu. Manje, lona wesifazane lapha unomoya wokuPhila kuye njengomKristu, unomoya wokufa kuye njengembewana. Lokho ekugcineni bekuyobumba umdlavuzo, ubeyofa, kwathatha impilo yakhe, kumthumele ethuneni ngaphambi kwesikhathi. Manje, uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo...Woza lapha, Roy. Noma kunjalo...Uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho...Uthi uzokholwa. Kuyomsiza. Wena—wena bhekisisa isandla sami, Roy. Bhekisisa isandla sami.

269 Futhi ngifisa sengathi nina, ikakhulukazi nina manenekazi, beningakhothamisa amakhanda enu, ngoba lento, lapho iphuma, iyoya kwenye indawo. Bangaki okwaziyo lokho na? IBhayibheli lasho njalo. Iyoya kwenye indawo uma ingangena kwenye indawo. Manje, ngizobamba isandla sami *kanjalo* nje, Roy, ngingasinyakazisi neze. Manje, bonani uma kuzophuma. Wonke umuntu akahloniphe ngokuzithoba manje, yibani semkhulekweni.

270 Baba waseZulwini, angazi ukuthi ngiyoke ngibuyele nini eFalls, eKlamath Falls futhi. Ngiyethemba khona manje, Nkosi. Kodwa uma bengingabuya onyakeni, baningi lapha, uma ngiphila, bangeke babe lapha, bazohamba. Futhi ngifuna lokhu kube yisibonakaliso esiqinisekile, ukuthi yonke into engingayenza, ukuze bazi ukuthi uNkulunkulu

unguNkulunkulu. Futhi ngikhulekela lona wesifazane, futhi ngicela ukuthi lento embi esizothatha impilo yakhe izophuma futhi imshiye. Siphe khona, Baba, eGameni likaJesu, iNdodana yaKho.

²⁷¹ Manje, akusukile kuye, ngoba kusashaya isandla sami; angikaze ngiwavule amehlo ami, uNkulunkulu uyazi. Kodwa, Mfowethu Roy, kusavuvukala futhi kugijima njengoba—njengoba kwenzile. Dadewethu, ngaphambi kokuba ngivule amehlo ami, kusavuvukala, akunjalo na? Kusafana nje njengoba bekunjalo. Akuphumanga.

²⁷² Manje, ukuze nazi ukuthi iZwi likaNkulunkulu liqinisile, manje, uma lona wesifazane... Angikayi ekuboneni okufihlakeleyo naye. Kodwa ngikholwa ukuthi ungumKristu futhi ukhulekisisile... Manje—manje, uNkulunkulu usinika amandla hhayi ukuphulukisa, kodwa ukukhipha umoya. Manje, gcina iso lakho lapho futhi ubone ukuthi kuyasuka yini. Manje, Roy, bhekisisa futhi ubone, noma yimuphi wenu, ufuna ukubhekisisa, ubone ukuthi isandla sami siyanyakaza yini, noma yini.

²⁷³ Baba waseZulwini, ukuze izwe lazi, asiceli izimangaliso, isizukulwane esibuthakathaka nesiphingayo siyakwenza lokho, kodwa ukuze izwe lazi ukuthi Usalokhu uligcina iZwi laKho:

²⁷⁴ Ngiyala lodeveli ohlupha udadewethu, eGameni likaJesu Kristu, phuma kuye!

²⁷⁵ Manje, nakho kuhambile. Manje, ngaphambi kokuba ngivule amehlo ami, isandla sami sesijike saba mhlophe sisuka kokubomvu-luhlaza okwesibhakabhaka, amachashazi amancane amhlophe asenqamukile. Ngabe kunjalo na? Vulani amehlo enu, wonke umuntu. Manje, ngizozibheka mina. Nakho-ke. Manje, ningakubheka nonke lokho, bazalwane na? Kukhona okwenzekile, akwenzekanga na?

²⁷⁶ Manje bukani lapha, ngizothatha *lesisandla* bese ngisibeka *lapha*. Niyabona ukuthi kubukeka kanjani na? Ngithatha *lesisandla* bese ngisibeka *lapha*. Buka lapha, dade, ngokufanayo nje njengesinye. Ungakubona lapho na?

²⁷⁷ Manje, kwenzekani na? Udeveli uxoshiwe, owesifazane ukhululekile, angaqhubeka nendlela yakhe ethokoza. Kunjalo. Manje, ukubonile, lababefundisi bakubonile, nani lapho nikubonile, nithole izwi lethu ukuthi kuyiqiniso. “Uma nje uzokholwa!”

²⁷⁸ Woza, nenekazi. Manje wonke umuntu akahloniphe ngokuzithoba. Ake sibone lona wesifazane lapha. Ake sibone isandla sakho nje umzuzu, ngaphambi kokuba siqale umugqa womkhuleko, ake sibone isandla sakho. Phendula isandla sakho *kanje*. Manje, angikwazi, kuqala. Ngabe siyizihambi komunye nomunye na? Sizalwa ngokwehlukana ngamamayela, iminyaka ngokwehlukana, wena umncane kakhulu kunami, kodwa lesi

yisikhathi sethu sokuqala ukuhlanguana. Yebo, mnumzane, owesifazane unaso i—isifo segciwane. Yebo, mnumzane. Inkathazo yesisu. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke ukuthi iNkosi uJesu ingakuphulukisa futhi ikusindise na? Uyakholwa.

²⁷⁹ Manje ngifuna nibhekisise. Manje susa isandla sakho kwesami. Manje bukani ukuthi isandla sami siphenduka kanjani. Manje ake ngibe neduku obufuna othile... Manje linda, phenya *leli*. Manje buka lapho. Ngokwejwayelekile nje, akunjalo na? Manje thatha iduku lakho ulibuyisele lapha. Manje thatha *lesisandla* futhi usiphendulele phakathi *lapha*. Manje sibuke sivuvukala. Uyasibona na? Uyazibona lezozinto ezincane ezimhlophe zigijima phezu kwaso na? Manje, lokho kuvela ekungqangqazeleni, okungukuthi isimo sokuba nezilonda esiswini besiyombangela ukuba—ukuba nomongozima, kumbe noma yini enye, niyabo.

²⁸⁰ Manje, manje, ngeke ngamphulukisa owesifazane, kodwa ngesiphiwo sikaNkulunkulu ngingenza ububi busuke kuye. UngumKristu na? Ukhulekisisile na? Uzonika uNkulunkulu udumo na? Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uyakhukholwa lokhu ukuthi kuyiqiniso na? Kulungile. Manje bhekani isandla sami. Noma ubani ofuna, uma ufuna ukusibheka, wamukeleke kakhulu.

²⁸¹ Ngifuna niqaphele, akusikho ukuma kwesandla, kumbe noma yini, kuyafana nje njengoba kwakunjalo.

²⁸² Manje asikhothamise amakhanda ethu. Manje, uma uguliswa ukuba nenkathazo yesisu kancane, lokhu kubangelwa yisimo sokwethuka. Manje—manje, uma nje nizokhothamisa amakhanda enu umzuzu nje.

²⁸³ Baba wethu waseZulwini, kungesikho ukuthi kuyoba umbukiso womphakathi, kodwa ukuthi lababantu abami kulomugqa womkhuleko bangahle babe nokukholwa ukuba bakhulekelwe futhi baphulukiswe, makwazeke, Nkosi, ukuthi Wena unguNkulunkulu nami ngiyinceku yaKho. Ngikhulekela ukuthi Uzoqinisa iZwi laKho namhlanje ngokukhipha imimoya emibi.

²⁸⁴ Nkosi, ukuphela sekuseduze, isikhathi siyeza, futhi abantu bafanele bazi baqinisekise ukuthi thina, amaKristu, sazi ukuthi ithemba lethu alakhelwe phezu kohlobo oluthile lwento ethize eyimfihlakalo, kodwa phezu, ngokumsulwa, iZwi likaNkulunkulu noNkulunkulu Ongenza zonke izinto zisisebenzele. Manje, Baba, ngiKucelile ukuba ube nami futhi ungisize, njengoba ngihamba, ngokukholwa, ukuphosela inselelo lodeveli olimaze udadewethu.

²⁸⁵ Sathane, ngiyakuyala ngoJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ngokuvuka kwaKhe nokunqoba phezu kwakho, Wakuphuca onke amandla angokomthetho, awulutho ngaphandle komkhohlisi, sibiza isandla sakho, ngesiphiwo

sikaNkulunkulu engisiphiwe, sakhonziswa yiNgelosi, ngiyakuyala, eGameni likaJesu, phuma kowesifazane, mshiye, futhi umeke ahambe!

²⁸⁶ Manje, kusukile. Uma kusuka, isandla sami siyekile, angikaze ngisibuke, kodwa siyeka ukungqangqazela. Ngabe kunjalo na? Nakho-ke. Nakho-ke, niyabo? Kuphenduke kwaba ngokwejwayelekile. Manje sekuhambile kuwe. Hamba ngendlela yakho futhi ujabule, futhi uthi, “Ngiyabonga, Nkosi,” futhi uphiliswe.

²⁸⁷ “Uma ukholwa, konke kungenzeka kulabo aba...” Niyakukholwa na? Manje, yibani nokukholwa kuNkulunkulu. Bangaki laphaya . . .? Manje, leso yisiphiwo esisodwa esisebenza ngalokho. Manje kwesinye isiphiwo. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Bangaki phandle lapho ogulayo, noma kukhona okungalungile ngawe na? Phakamisa isandla sakho, ukuze nje nizokwazi ngaphambi kokuba sikhulekele abagulayo. Nkulunkulu ngisize.

²⁸⁸ Manje, hloniphani ngokuzithoba, nihlale nithule. Akunandaba ukuthi ukuphi, uvulande osesitezi, phansi naphezulu emigqeni, akunandaba, akunandaba nakancane, qhubeka nje ukholwa. Hloniphani ngokuzithoba nje.

²⁸⁹ Manje, unga—ungazenzi . . . Uthola ukwethuka, zithulise nje, uthi, “Nkosi, ngiyakholwa.” Uthi, “Ngiyisihambi endodeni, ayingitshele, futhi ngizokholwa ngayo yonke inhliziyoyami uma nje ibiyongivumela ngisho, noma, isho kimi.”

²⁹⁰ Hloniphani ngokuzithoba ngempela, wonke umuntu. Niyabo, njalo lapho uhamba, umoya wakho, niyabo, nginendawo yakho, lapho okhona, ngizwa ukungqangqazela kwakho, khona-ke lapho u—lapho uhamba, khona-ke kuphazamisa uMoya, niyabo, futhi angikutholi.

²⁹¹ Lapha, nansi indoda ihlezi ekhoneni, khona lapha. Kubonakala sengathi ngiyabazi ubuso bayo, angisakhumbuli ukuthi ingubani. Ngabe usiphakamisile isandla sakho emizuzwini embalwa nje edlule na? Ukwenzile. Awu, uyazi angazi ukuthi yini engalungile ngawe. Anginandlela yokwazi, kodwa uyakholwa ukuthi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ingembula kimi ukuthi yini engalungile kuwe, mnumzane na? Ubonakala u . . . Unesimila. Kunjalo. Isimila sisendlebeni. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyoyakho manje, ukuthi Uzokuphulukisa na? Kulungile. Yiba nokukholwa.

²⁹² Lokho kuthi ukukunyakazisa, nenekazi na? Kuthiwani ngaleyomithambo eyimiqhansa na? Ucabanga ukuthi uNkulunkulu ubengayiphulukisa leyomithambo na? Hhe? Uyakholwa na? Uzohlinzwa kuleliviki elizayo kuyo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho, nenekazi. Kulungile. Manje ngifuna ukunibuza okuthize, kuthe nje ngingakhuluma kuleyondoda,

Into ethize yakushaya. Bekunjalo na? Uma kunjalo, vayizelisa isandla sakho.

²⁹³ Yingoba lokho kuKhanya kusukile ngqo esicongweni sendoda, kwaqonda ngqo kowesifazane. Angazi namunye wabo, futhi ngi—ngiyibonile lendoda ndawo ndawo, angikwazi ukusho ukuthi ungubani, kodwa ngibubonile ubuso bayo, kodwa angiyazi ukuthi ingubani, kodwa uJesu Kristu uyayazi, Wazi konke ngayo. UyiNkosi uJesu ofanayo, onguye izolo, namuhla, naphakade. Uyakukholwa ngenhliziyo yakho yonke na?

²⁹⁴ Nanti inenekazi lihlezi lapha ikhanda lalo likhotheme, angikaze ngilibone empilweni yami. Kodwa liyakhuleka, “Nkosi, makube yimi.” Owesifazane, uezinyawo ezimbi, futhi unenkathazo yenhliziyoyi. Futhi uyazikhulekela. Uma engakugeji! Inenekazi, o, he, inenekazi alisilo elalapha, livela eCalifornia, igama lalo nguNkk. Goodwin. Uyakholwa manje na? Sukuma ume ngezinyawo zakho uma lokho kunjalo, uma konke nokunci kwakho kuyiqiniso, futhi ubuhlezi ukhulekela lokho, phakamisa isandla sakho. Ngabe siyizihambi, omunye nomunye na? Vayizelisa isandla sakho *kanje*. Kulungile, buyela ekhaya lakho, uJesu Kristu uyakusindisa.

²⁹⁵ Uma bengayikukukholwa *lokhu*, bazokukholwa *lokho*; bafanele bakukholwe *lokho*. O, uma nje ungakholwa! Uma u . . .

²⁹⁶ Kukhona inenekazi elihlezi khona emuva lapho elingibukayo, futhi line—linesigaxa ebeleni langakwesokunxele. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa, nenekazi, futhi akusindise na? Uma ukukholwa ngenhliziyo yakho yonke! Kulungile.

²⁹⁷ Nanti elinye inenekazi lihlezi khona emuva lapha, qhabo, yindoda elikhulekelayo. Ngumlamu walo, unomdlavuzwa womphimbo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzomsindisa na? Phendula kukho ngokushesha, uma unga . . . Kulungile.

²⁹⁸ Ngiyibonile indoda inyamalala, niyabo. Ufanele, lapho ubizwa, phendula ngokushesha. Ungangabazi, kholwa ngayo yonke inhliziyoyi yakho.

²⁹⁹ Indoda ehlezi emuva lapho inesimo sesifuba somoya, ikhwehlela. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Uyakholwa ngayo yonke inhliziyoyi yakho na? Uma ungakukholwa, kulungile. Mnu. Lowe, noNkulunkulu uzokusindisa uma uzokukholwa.

³⁰⁰ Kungani ngifanele ngibize igama lakho na? Niyakukholwa na? Wonke umuntu, yibani nokukholwa. Yiba nokukholwa nje kuNkulunkulu.

³⁰¹ Ufuna ukususa leyonkathazo yesisu, mnumzane, emuva lapho uhlushwa yisisu sakho na? Uma ukwenza, yeka ukubhema labosikilidi, futhi uNkulunkulu uzophulukisa isisu sakho. Amen.

302 Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Bangaki okholwayo manje ngayo yonke inhliziyo yakho, uthi, “Ngiyakholwa ukuthi iNkosi uJesu Kristu izophulukisa abagulayo.”

303 Ucabangani na? Uyakholwa ukuthi inkathazo yeqolo izokushiya, noNkulunkulu akusindise, uzoya ekhaya, usinde na? Kulungile, thatha indlela yakho nje futhi ukholwe kuyo yonke inhliziyo yakho. Kulungile.

304 Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Uyakholwa ukuthi inkathazo yenhliziyo izosinda na? Uyakholwa ukuthi ubuzoba kahle na? Umshumayeli wesifazane ubefanele, empeleni, uma ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, hamba ngendlela yakho.

305 Manje bukani, ngiqala ukuzizwa ngiphelwa amandla khona manje. Nginabangingi kakhulu emgqeni. Bangaki okholwayo na? Uma isiphiwo sokuqala sisebenza, iziphiwo zesibili zisebenza, esesithathu sizofanele sisebenze, nguNkulunkulu. Manje, bangaki kini kulomugqa womkhuleko phandle lapho osevele usekhulekisisile, futhi ukholwe ukuthi kuyintando kaNkulunkulu ukukuphulukisa na? Phakamisani izandla zenu.

306 Nenekazi, usukhulekisisile, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa na? Khona-ke akukho lutho engingalwenza, kodwa nje ngikhiphe udeveli, futhi ngimdedele aqhubeke futhi asinde. Usevele ukhulekisisile, akunjalo na? Ngabe kunjalo na?

307 Manje, bangaki kini abazojoyina kanye nami emkhulekweni, ukuthi ngamunye walababantu lapho befika ngokubabeka izandla, bazosinda na? Niyakukholwa lokho na? Kulungile, nonke wozani ngayo yonke inhliziyo yenu manje, hambani nje ningaxhamazeli, kuhle.

308 Manje, umzuzwana nje, ngaphambi kwalokho, ngizama ukuthola lologcobo... Kul'khuni kakhulu ukukususa emva kokuba sekuke kwafinyelela kulokho. Ngibona umntwana elokhu evela phambi kwami, lapha, kubukeka njengesibhono noma okuthize kumntwana. Nguwe, ukhulekela ingane lapho.

309 Ngikuphosela inselelo ukuba ukholwe uNkulunkulu. Ngikuphosela inselelo ukuba uMkhulwe. Ungesabi, nguKristu, iNdodana kaNkulunkulu. Ungesabi, kholwa kuphela, zonke izinto ziyenzeka.

Woza manje, dade.

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi udeveli angamshiya.

Woza, mfowethu.

NgeGama likaJesu Kristu, ngikhipha lodeveli.

NgeGama likaJesu Kristu, ngikhipha lo omubi.

NgeGama likaJesu Kristu, ngikhipha lo omubi.

NgeGama likaJesu Kristu, ngikhipha ububi kumntwana.

NgeGama likaJesu Kristu, ngikhipha ububi.

NgeGama likaJesu Kristu, ngikhipha okokubi.

³¹⁰ Uyakholwa ukuthi labobantu bazophulukiswa na? Impela. Uyakhukholwa na? Wena owedlule emgqeni na? Ngabe bazosinda na? Uyakhukholwa na? Yiba nokukholwa manje, ngifuna ukubona uma into ethize yenanela emuva. Yiba semkhulekweni manje, wonke umuntu emkhulekweni. Futhi lapho udlula lapha, kholwa, uma ungakwenzi, ngeke kusize nakancane. Kulungile.

Ngikhipha ububi kumfowethu, eGameni likaJesu.

Woza, dade. Yiba nokukholwa manje.

Ngilahla ububi kudade, futhi ngimbusise, eGameni likaJesu.

Ngilahla ububi, futhi ngicela izibusiso zikaNkulunkulu, eGameni likaJesu.

Ngilahla ububi ngokubeka izandla, “NgeGama laMi, bayakhukhipha amademoni,” kwasho uJesu. Amen.

NgeGama likaJesu Kristu, ngikhipha ububi kumfowethu.

NgeGama likaJesu Kristu, ngikhipha ububi kubantwana nomncane.

³¹¹ UNkulunkulu ambusise. Awukhulanga kahle kakhulu, hhe? Uyakholwa ukuthi kuzoqondiswa na? Kuzokhula kahle uma nithanda. Ya, ya, ngiyazi. Niyabo, uma ngiqala lokho, kuyaqhubeka nje, futhi kuqhubeka; ngizama ukusebenza enye inkonzo. Kodwa manje, lalela, ngikholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, abantwana benu bazosinda. Uyakhukholwa lokho na? UNkulunkulu ukunike lokho okucelile, manje, ngakho hamba ukholwe. *Ubunakho* lokho. Ungeke usaba nakho uma nje uzokholwa.

NgeGama likaJesu Kristu, ngikhipha ububi.

³¹² Manje, okwakuyikho, inekazi elincane lithe ukuba buthakathaka ekukholweni, ngidingeke nje ngimtshela ngabantwana, ukuze kumenze abe nokukholwa, yilokho kuphela. Niyabo? Kulungile.

Nkosi, eGameni likaJesu, ngikhulekela udadewethu futhi ngikhiphe ububi, eGameni likaJesu.

Ngilahla ububi kulodade, eGameni likaJesu.

Ngilahla ububi kudadewethu, eGameni likaJesu.

Ngilahla ububi kudadewethu, eGameni likaJesu.

Usacabanga ukuthi unalo ubizo na? Hhe? Ucabanga ukuthi ufuna ukushumayela iVangeli na?

Nkosi, siza omncane, ngiyakhuleka, eGameni likaJesu. Amen.

UNkulunkulu akubusise.

Busisa inhliziyo yakhe encane. Ucele isicelo kuyise. Busisa inhliziyo yakhe encane. UNkulunkulu akubusise, s’thandwa. UNkulunkulu uyamnakekela ubaba, ambuyise.

Nkulunkulu, eGameni likaJesu, phulukisa udadewethu.
 Phulukisa umfowethu, Nkulunkulu, eGameni likaJesu.
 EGameni likaJesu Kristu, phulukisa udadewethu.
 EGameni likaJesu Kristu, phulukisa udadewethu.
 O, Nkulunkulu, phulukisa udadewethu, eGameni likaJesu.
 Phulukisa umfowethu eGameni likaJesu.
 Phulukisa udadewethu, eGameni likaJesu.
 Phulukisa umfowethu, eGameni likaJesu Kristu.
 Phulukisa udadewethu, eGameni likaJesu Kristu.
 Phulukisa umfowethu omncane lapha (Ucabanga ukuthi kuzokushiya na?), eGameni likaJesu.
 Phulukisa udadewethu, Nkulunkulu, eGameni likaJesu.
 Phulukisa lona, udadewethu, eGameni likaJesu.
 Phulukisa lona, udadewethu, Baba, eGameni likaJesu.
 Phulukisa lokhu, dadewethu, ngilahla ububi kuye, eGameni likaJesu.
 NgeGama likaJesu Kristu, ngilahla ububi.
 NgeGama likaJesu Kristu, ngilahla ububi.
 NgeGama likaJesu Kristu, ngilahla ububi kumfowethu.
 NgeGama likaJesu Kristu, ngilahla ububi kumfowethu.
 Amen.

³¹³ Uyakholwa ukuthi baphulukisiwe na? Ngabe iBhayibheli liyakusho lokhu na? Manje, ake sithathe lokhu nje umzuzwana. Ngabe uNkulunkulu angaba nephutha na? UNkulunkulu angaqamba amanga na? Ngani, akunakwenzeka, akunjalo yini, bangane na? Akunakwenzeka nhlobo ukuba uNkulunkulu aqambe amanga.

³¹⁴ Manje, ngabe inenekazi elinomncane lapho na? Manje, kinina osanda kwedlula kulomugqa womkhuleko, yileyondlela leyongane eyedlula ngayo emgqeni womkhuleko, iviki elilodwa eledlule, namhlanje. Ngabe kunjalo, dadewethu na? Kulungile. Niyizwile intshumayelo yami, ukuthi ngiyiphathe kanjani ngento enjalo na? Manje, nanso ingane encane isendleleni yayo iphilile, yonke iphulukisiwe. Manje, bhekisisani nje, uma into efanayo ingenzeki kuwe.

³¹⁵ Manje, niyabo, bangane, uNkulunkulu angahamba okuthize, kude kangaka, kodwa ufanele uhlangane naYe kulezozinkundla lapho. Uyakholwa na?

³¹⁶ Ucabangani ngakho na? Wena. Ucabanga ukuthi isisu sizolunga, siphiliswe na? Lowo ngumkakho ehlezi lapho, ethi ukulala, njengesifo, noma okuthize. Lokho kuqinisile. Unenkathazo yesisu, futhi ungumshumayeli. Ukhohwa yiVangeli. Ngabe kunjalo na? Angikaze ngikubone empilweni yami,

siyizihambi uqobo. Ngabe yiqiniso lelo na? Kukhona ukuKhanya phezu kwakho ngqo, ngiyaKubhekisisa. Manje, phakamisa isandla sakho uma lokho kuyiqiniso, nobabili. Beka isandla sakho phezu komkakho; nkosikazi, beka isandla sakho phezu kwakhe.

³¹⁷ Sathane, uyadalulwa. Phuma kulezozinceku zikaNkulunkulu, ngiyakuyala, eGameni likaJesu Kristu, suka kubo!

³¹⁸ Nakho lapho okhona. Manje, phumula ngokuthula.

³¹⁹ Niyabona lapho na? Leyondoda ihlezi lapho, angikaze ngiyibone empilweni yami, futhi lapho uMoya wayibamba, kanjalo impela. Futhi ngikubonile lokho kuKhanya kubaneka nxazonke phezu kwesakhiwo, ngaKubuka, ngacabanga, “Bekuyini leyo na? Ukubonakaliswa okuthile phandle lapho na?” Futhi ngabuka, nakhu kufika lokho kuKhanya kuhlala phansi ngqo phezu kwabo, khona-ke umbono waqubuka phezu kwabo. Angikaze ngibabone empilweni yami. Bebengekho emgqeni womkhuleko.

³²⁰ U—ubungekho emgqeni womkhuleko, ubukhona yini, mnumzane na? Ubungenakhadi lomkhuleko noma lutho. Qhabo, ngoba akukho-makhadi omkhuleko akhishiwe. Ngakho manje-ke, onke amakhadi omkhuleko awasekho. Niyabo? Ngakho, nakho lapho okhona.

³²¹ Niyabo? Ngukukholwa kwakho nje kuNkulunkulu. Yini enye uKristu abengayenza na? Angeza lapha futhi aphakamise izandla zaKhe, futhi athi, “NginguYe. Ungesabi, NginguYe, kholwa yiMi futhi uphulukiswe.” Ngabe kunjalo na?

O, aniMthandi na? Akamangalisi na?

Akamangalisi, uyamangalisa, uyamangalisa na?

UJesu iNkosi yami akamangalisi na?

Amehlo abonile, izindlebe zizwile, okulotshwe eZwini likaNkulunkulu;

UJesu iNkosi yethu akamangalisi na?

Asilicule sonke kanyekanye.

Akamangalisi, uyamangalisa, uyamangalisa na?

UJesu iNkosi yami akamangalisi na? (Lalelani manje, ukuthi Wathini.)

Amehlo abonile, izindlebe zizwile, okulotshwe eZwini likaNkulunkulu;

UJesu iNkosi yami akamangalisi na?

³²² O, asiphakamise izandla zethu nje futhi siMdumise.

³²³ O Nkosi, Ntebe yaseSharoni, Mnduze wesiGodi, Nkanyezi yoKusa, Alfa, Omega, isiQalo nesiPhetho, OwayeKhona, OKhona, futhi OZayo, iMpande neNzalo kaDavide,

uMluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onaMandla, uYise ongunaPhakade, oMangalisayo!

³²⁴ O, sibonga futhi siKudumisa kanjani, Nkosi yethu, ngokulunga kwaKho neshawu saKho kubantwana babantu! SiKudumisa futhi siKudumisa kanjani, Wena olungileyo futhi, ngempela, iNdodana kaNkulunkulu! SiyaKubonga ngalokho amehlo ethu akubonile, izindlebe zethu ezikuzwile.

³²⁵ Amehlo ethu abone uMoya oNgcwele. “He,” imbongi yathi, “amehlo ami abonile inkazimulo yokufika kweNkosi.” Qiniso, Nkosi, izindlebe zethu zilizwile iPhimbo laKho likhuluma, zaLibona lenza futhi lenzeka ukuthi odeveli bayaKuthobela. O Nkosi, odeveli bathobela phansi kweGama laKho, odeveli uthobela phansi kwamandla aKho. Futhi izimfihlo zezinhliziyi ziyaziswa, abagulayo bayaphulukiswa, abantu abahluphekile bayasinda, izimpumpu the ziyabona, izithulu ziyezwa, izinyonga ziyahamba, abafuleyo bayavuswa, ukuFika kweNkosi sekuseduze. SiKubonga kanjani, Nkosi!

³²⁶ UNkulunkulu abusise iKlamath Falls, Nkosi. Thulula uMoya waKho phezu kwalababefundisi nabelusi lapha, Nkulunkulu, phezu kweBandla laKho, phezu kwawo wonke amadolobha angomakhelwane nxazonke. Sindisa wonke umphefumulo ongasindiswa, Nkulunkulu. Siphe khona. Ngiyala ukuthi Wena . . . Siphe khona.

³²⁷ Bese kuthi-ke, Baba, lamaduku elibekwe lapha, amele abantu abagulayo, othile, ndawondawo, uyagula. Lapho lamaduku efika phezu kwabantu, kwangathi uMoya oNgcwele ungeza phezu kwabo futhi aphulukise ukugula kwabo. Siphe khona, Nkosi. Siyakubonga futhi siyaKudumisa ngakho konke Okwenzile.

³²⁸ Futhi uma ekhona oyedwa lapha, Nkosi, namanje, ongenakho ukukholwa emva kokuKubona, kwangathi bangezizwele ukuthi kuyisipoki noma kukhona okungalungile, kwangathi bangezwa leloPhimbo elimnandi lithi, “Ningesabi; YiMina; yimani isibindi.”

³²⁹ Futhi bona, futhi bavumele baKwemukele exolweni labo elincane kulentambama, bayoya ekhaya labo bethokoza futhi bedumisa uNkulunkulu, bethi, “SiMbonile.” Njengalabo ababevela e-Emawuse emva kokuba sebehambile futhi bakhala imini yonke nobusuku bonke, wazi ukuthi Wawufile, futhi wafakwa ethuneni, futhi wembelwa; khona-ke Wahamba nabo. Kwase kuthi-ke ngenkathi Ubafaka ekamelweni bebodwa, Wenza into ethize njengoba nje Wenza ngaphambi kokuba Ubethelwe, futhi bayazi ukuthi nguWe wedwa owenza lokho, ngakho bayaqonda ukuthi kwakunguWe.

³³⁰ Wenze into efanayo ngathi, namhlanje. Emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, nakhu Ukhona namhlanje emhlanganweni wenza into efanayo Oyenzile ngaphambi

kokubethelwa kwaKho. Impela, Awufile, Nkosi, Uphila kuze kube phakade, Uvukile kwabafileyo, wanqoba phezu kwabafileyo. Zonke izitha zaKho zenziwe isenabelo sezinyawo zaKho, futhi Unika amandla aKho eBandleni laKho, nakubantu baKho. We—Wenyukela Phezulu futhi upha abantu izipho. Futhi silapha esikhathini sokuphela, iziNkanyiso zakusihlwa zikhanya. “Kuyoba ngukuKhanya,” kwasho imbongi, “ngesikhathi sokuhlwa, indlela yeNkazimulo impela nizoyifumana impela.”

³³¹ O, Nkulunkulu, abantu mabathole leyondlela futhi bahambe kuyo. SiyaKubonga ngawo wonke umuntu okutholile, futhi siyaKudumisa ngakho. Phulukisa wonke umuntu ogulayo osedolobheni, wonke umuntu olapha ebandleni. Uma ekhona oyedwa lapha, kuvulandi osesitezi, noma yikuphi lapho ogulayo noma ogulayo, umkhuleko wami mawubahlawulele, ngenkathi ugcobo lukaMoya oNgcwele lusephezu kwami.

³³² Makuthi uMoya kaNkulunkulu, Ongahlulela imicabango yenhliziyi...Njengoba iBhayibheli lathi, “IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, lihlaba ngisho kuze kwehlukanise umnkantsha wethambo, noMahluleli wemicabango yenhliziyi.”

³³³ Manje, yini iZwi likaNkulunkulu na? “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, futhi uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu.” Nangu Ekuvukeni namhlanje, ehlala phakathi kwethu, iZwi lishunyayelwa ngamandla kaMoya oNgcwele futhi lehlulela imicabango yenhliziyi. Haleluya! Malibongwe iGama leNkosi.

³³⁴ Abantu mabakubone, Nkosi, ngaphambi kokuba kuze kube leyithi kakhulu. Ngibanikela kuWe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

³³⁵ Niyakholwa na? Niyakholwa ngenhliziyi yenu yonke na? Ningakwemukela na? Ngibanikela kuJesu Kristu, uMqalisi noMphelelisi wokukholwa kwethu, nakumelusi njengenceku kaNkulunkulu. UNkulunkulu anibusise, ngize nginibone futhi.



60-0717 Ningesabi
EKlamath Union High School
EKlamath Falls, E-Oregon E-U.S.A.

ZULU

©2024 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org